# UMESIYA

Ningahlala phansi. Kubonakala sengathi ngibuyela ekhaya ukuba ngibuye. Thina, sizwa emuva lapho kumelusi wenu izinto ezimangalisayo iNkosi ekade izenza lapha ebandleni lasekhaya kusukela ngilapha, uthe cishe nibe nemvuselelo yanjalonjalo yokuthululwa kukaMoya oNgcwele. O, akumangalisi yini ukushaya isikhathi sikaNkulunkulu, isikhathi nje esifanele na? Kwenza okuthize nje kithi.

2 Awu, sibe neyodwa etabernakele. Benginochungechunge lwezindaba, benginitshela, eminyakeni yebandla yokugcina eyisikhombisa. Futhi, o, he, ngenkathi ngiqeda ngeSonto eledlule ngesahluko 4 seSambulo:

3 Ibandla lami lithi alibe, lincane, cishe abantu abangamakhulu amane, noma amakhulu amathathu namashumi amahlanu, into ethile efana naleyo. Futhi mina, ngisakhuluma, futhi ngibize umugqa womkhuleko, futhi ngikhuluma ngokubonakalisa kusuka eNkazimulweni yeShekina kuya ezinkanyezini—kuya ezinkanyezini, kuya olwandle lwengilazi, lapho imihlatshelo yayigezwa khona, niyazi, emele izoni, amanzi okwehlukanisa, futhi ngenkathi ngisakhuluma ngalokho, futhi ngaphenduka-ke ukuba ngikhulekele abagulayo, iNgelosi yeNkosi yehla ngqo phambi kwabo bonke, yawela ngqo futhi yama ekhoneni lapho, nabantu abangamakhulu amathathu noma ngaphezulu bama futhi baYibuka imizuzu eyishumi nanhlanu, bedazuluka, bekhala, futhi bedumisa uNkulunkulu; bonke babuka. Okokuqala ukuba Ize ifike kanjalo phambi kwebandla lethu, ivele ingene nje ngqo, yagudlukela laphaya ngqo, futhi yama lapho.

4 Ngathi, "Niyakubona na?" Wonke umuntu waqala ukudazuluka futhi bewa. Futhi Kwakulapho-ke, okukhulu, ukuKhanya okuphuzi kweNsika yoMlilo, kuyindingilizi ngokuphelele nje, kumi lapho. Khona-ke Kuqala ukuZisibekela, futhi kwasibekela yonke yaleyominyaka yebandla ngayo impela nje indlela engangiyifundise ngayo, kuleyoNsika yoMlilo. UNkulunkulu uyazi ukuthi lelo yiqiniso lapha phambi kweBhayibheli laKhe. U . . . Siphila esikhathini sokugcina, impela.

5 O, ngijabula kakhulu ukuthi umprofethi wethembisa ukuthi kuyoba ngukuKhanya ngokuhlwa. Kulelihora lapho kumnyama kakhulu ezweni, nokwazi ukuthi siphila futhi sihamba ekuKhanyeni, ukuKhanya Akwethembisa, wathi Uyokwenza, wethembisa ukuthi Uyokwenza, futhi silapha, abantu abanenhlanhla kulobubusuku, ukujabulela lezozinto esikhathini sokuphela.

6 Manje, khumbulani, iBandla angeke, Angeke libe nge*nkulu kakhulu*, enkulu kakhulu, *into ethize* enkulu. Kuhlala njalo, kuyo yonke iminyaka, engcosaneni ngesibalo nje, okuncane nje. . . Futhi ngesikhathi soNyaka wobuMnyama Kwacishe kwacisha ngokuphelele, bese kuthi-ke sekucishe Kucime impela futhi kulonyaka lapha, oNyakeni weBandla laseLawodikeya.

7 UMfowethu Jack ungimemile ezansi ukuba ngishumayele leyominyaka yebandla eyisikhombisa ngesinye isikhathi, ngithemba ukuthi ngithola ithuba lokukwenza. O, impela sikujabulele ekhaya. Ukuthi uMoya oNgcwele usibusise kanjani!

8 Futhi manje siwelela eBeaumont ukusuka lapha, futhi siqhubeke siyongena oGwini oluseNtshonalanga, bese sibuya futhi ngiyongena e-Ohio, bese-ke sehlela eVirginia, naseNorth Carolina, sibuya lapho, siya eBloomington, eSpringfield, eChicago, bese-ke sisuka lapho, futhi siya enyakatho yeBritish Columbia, iFort St. John, neGrande Prairie, iDawson Creek, futhi kuze kuyofika lapho. Ngethemba ukubuya ngoJuni, iNkosi ithanda, uku, lokhu yizinyanga eziyisithupha-ke, ngibuyela emuva ngesikhathi phesheya kwezilwandle, mhlampe, iNkosi ithanda, ngalesosikhathi.

9 Manje, siyajabula ukuba lapha kulobubusuku, futhi sibone abaningi kakhulu bephumile, nobuso obukhanyayo, nezinhliziyo zivulekile, futhi, isikhathi esimangalisayo nje, akusiso na? Singaphansi kwamathemba kulobubusuku, nginjalo, ukuthi iNkosi izokwazisa kithi, kulobubusuku, amandla aYo nenkazimulo, izozibonakalisa Yona uqobo kithi. Futhi noma ngabe Iyakwenza, noma ayikwenzi, khona-ke sizoYikholwa ngokufanayo nje.

10 Ngisanda kushiya owesifazane omncane engena evela eJalimane. Emavikini ambalwa edlule, walahlekelwa yingane. Futhi wayemi eduze naseCalifornia, kanye, lapho bangenisa khona ingane encane, yayikade ifile. Yafa ngokunye ukusa cishe ngelesithathu noma ngelesine nqo, abazali babeshayele usuku lonke, futhi cishe kwase kungelesithathu, elesine, elesihlanu nqo, yebo, cishe ngelesithupha nqo ntambama, umama ehlezi ngemuva emotweni, ebambe le encane, isimo esibandayo ezingalweni zakhe. Futhi ngenkathi befika endaweni lapho engangikhona, eSan Bernardino, bathatha ingane encane, bayiletha lapho engangimi khona, ngase ngithi, “O! Sekuyisikhathi esingakanani ingane ifile na?”

Wathi, “Kusukela kulokhu ukusa, kusesekuseni kakhulu.”

11 Ngase ngicosha okuncane, isimo esibandayo, kwase kuvele kugongobele, nalababantu bemi bezungezile, ngakubamba ngezingalo zami, ngaqala ukukhuleka eNkosini yethu eyigugu. Ngezwa ukuthi ingane yayisithola ukufudumala, ngilokhu ngiyibambile nje, emizuzwini embalwa nje yaqala ukukhahlela, ikhala, ngiyinikezela kunina. Ngakho, khona-ke ngenkathi . . .

12 Manje, niyabo, asizenzi lezozinto zaziwe. Niyabo? Into yakho ingukuthi, kunobuningi—obuningi kakhulu ubukhazikhazi namhlanje kokwethu... Si—sizama ukuba ne*nto ethize* enkulu yokukhangisa into ethize, qhabo, akusikho okwalokho. Izwe alisoze lakwemukela, noma kanjani. Uza eBandleni, kungokweBandla, a—abantu bakaNkulunkulu. Lezi ezinkulu kakhulu, izinto ezikhangayo azisebenzi eMbusweni kaNkulunkulu.

13 Abantu bazomangala lapho bethola ukuthi ubani amakholwa, nokuthi ubani ongesilo. Kube njengoba kwakunjalo ngenkathi uJohane efika, ukufika kokuqala kukaJesu lapho kwakuno-Ana ethempelini, noJohane umBhaphathizi, futhi—futhi i, abambalwa nje ababengamakholwa ngempela, bakwemukela ngempela. Manje sibheke ukufika kwaKhe.

14 Lomama omncane emi lapho, wayenakho, ingane yakhe yafela ngale eJalimane, umyeni wakhe ungumfundisi wasemasosheni, futhi bashaya ucingo, ibanga elide, cishe kahlanu ngosuku nobusuku ukungicela ukuba ngize, bathi bayazi ukuthi uNkulunkulu uyovusa leyongane encane.

Ngathi, "Angihambe ngiyokhuleka," futhi ngahamba futhi ngakhuleka, ngakhuleka ngaleyontambama, ngalobobusuku.

15 Futhi ngizonikhombisa ukuthi ngabe odokotela bayakholwa noma qha. Lapho esevele enike udokotela incwadi yami ukuba ayifunde, ngokuthi, ngiyakholwa, ebizwa ngokuthi *UMprofethi Uvakashela I-Afrika*, into efana naleyo, futhi lapho... Wathi, "UNkulunkulu uzoyivusa ingane," umama omncane wathi, "UNkulunkulu uzoyivusa ingane." Nengane yayikade ifile ngaphambi kokuba bazi, cishe amahora amane noma amahlanu. Futhi ngakho, bathola ubaba, izwi ezansi esikhungweni lapho ayekhona. Nengane yayikade ifile, yafa ebusuku.

16 Futhi ngakho, udokotela wathi, "Kulungile. Nginitshele ukuthi ngizokwenzani," wathi, "ngizothi nyelele futhi ngibuyisele umoya-mpilo." Futhi wadedela leyongane yalala lapho izinsuku ezimbili ne-oksijini ivuliwe kuyo, belindile. Futhi ngangingapha ngikhuleka, babezongindizisa ngiwele ngendiza ijethi, ngingasuka lapha ngendiza ijethi yasemaSosheni futhi ngibuye ngosuku olufanayo, ngiye eJalimane.

17 Futhi ngokunye ukusa cishe sekusile ngavuka, nonkosikazi waphuma ekamelweni, ngenkathi ephuma ekamelweni, ngangisanda kuvuka nje, futhi mina, ngilele lapho kancanyana, ngqo ngezwa iNto ethize ingena ekamelweni, ngase ngibuka, kwakukhona Into ethize eyayihamba ekamelweni. Futhi ngavele ngagxuma nje, ngase ngithi, "Nkosi, Uthanda ukuba inceku yaKho yazini na?"

Wathi, "Ungakusoli lokho, leso yisandla seNkosi." Niyabo?

Ngakho ngamthola ocingweni, ngathi, "Qhabo, uNkulunkulu ubize ingane yakho."

18 Futhi ngakho, ngenkathi eza ukuzosibona, ubusuku, ngimshiye endlini ngenkathi ngihamba izolo, wathi, "Bekuyini, Mfowethu Branham na? Ubuthakathaka bami—bami bokukholwa na?"

19 Ngathi, "Unokukholwa okukhulu, ukhulekele ingane yakho, wena nomyeni wakho nibambelele kuNkulunkulu, ukuvusa leyongane, futhi Walile ukukwenza ngoba Uyazi ukuthi yikuphi okuhle ukwedlula konke, futhi usaMthanda."

20 Lokho ngukukholwa kwangempela. Noma ubani, lapho izintaba zinyakaza, nezinto, angaba nokukholwa, kodwa ake kubuyele emuva kanye, futhi ubone ukuthi kusebenza kanjani, yilapho ufakazisa khona ukuthi unokukholwa noma qha.

21 "Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ilaywe futhi ivivinywe nguNkulunkulu." Ngakho khumbulani, ukuvivinywa kwethu kusebenza ukubekezela, nokubekezela kusebenza ithemba, kanjalonjalo. Ngakho sibambelela nje kuNkulunkulu, noma ngabe Uyasibusisa noma qha, sikhona lapho ngqo ukuMkholwa noma kanjani, ngoba Ukuthembisile. Nokubona ukuthi Wenza kanjani!

22 Manje, ngaphambi kokuba sisondele endabeni ngokufunda iZwi, ngokuba ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu . . . Futhi manje, angifuni ukuba mude kakhulu, ngoba uMfowethu Jack ngenkathi engibiza futhi wacela ukuza ngalendlela, ebengijabule ukukwenza, wathi bebenabanye abantu abagulayo abebefuna ukukhulekelwa. Ngakho-ke, sicabange ukuthi siyokwenza lokho, bese-ke sikhuluma isikhashanyana kini ngaphambi kokuba sikhulekele abafo abagulayo.

23 Futhi ngithumele uBilly ezansi kulobubusuku, uthe ukhiphe amakhadi omkhuleko, ukuze kuthi uma bekukhona esikhulu, isixuku esiminyene, awu, besizobabiza emakhadini omkhuleko, futhi hhayi, asidingi ukuba nakho.

24 Ngakho, ngaphambi kokuba sisondele eZwini laKhe, asisondele kuYe okomzuzwana nje womkhuleko. Ubeyoba khona ongathanda ukukhunjulwa kulomkhuleko kulobubusuku na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu uyayiphendula imikhuleko yenu, Uyazazi izidingo zenu.

25 Manje, namakhanda enu ekhotheme, angazi noma ukhona yini owesilisa oyisoni, noma owesifazane, umfana, noma intombazane engathanda ukuthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, phambi kukaNkulunkulu, kulobubusuku, njengoba ukhuleka." Ungasiphakamisa isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Abaningi, kuso sonke isakhiwo, cishe izandla eziyishumi noma eziyishumi nanhlanu ziphakeme, izoni.

26 Abanye abangenakho ukuKhanya kukaNkulunkulu emphefumulweni wabo ngoMoya oNgcwele, ungasiphakamisa

isandla sakho na? Uthi, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham.” UNkulunkulu akubusise. O, izandla nje yonke indawo.

27 Baba wethu waseZulwini, sisondela esihlalweni saKho sobukhosi somusa nesihawu. Siza, ngokuzithoba, eGameni likaJesu ngoba siqinisekile ukuthi Uzosizwa, ngokuba Wathi, “Celani kuBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza.” Ngakho leso yisithembiso, ukuthi siyazi ukuthi lokho kuyiqiniso, akunandaba ukuthi ukungakholwa kwethu kusivimbela kangakanani, nokho kuyiqiniso. Ngakho siyakholwa, kulobubusuku, ngakho konke lokho okuphakathi kwethu, ukuthi Uyasizwa.

28 Siyakholwa ukuthi Ulapha, futhi Uzoyiphendula imikhuleko yethu, futhi ikakhulukazi kulezozoni eziphakamise izandla zazo, kwangathi zingakubona ukuKhanya kukaNkulunkulu, kulobubusuku. Kwangathi leli-altare lingabathola belele bebheke phansi phezu kwalo, benxusa umusa ngomphefumulo wabo onesono. Siphe khona, Nkosi.

29 Ngikhulekela labo abangenawo uMoya oNgcwele empilweni yabo ukuba ubaqondise. Kwangathi uNkulunkulu angangena kulowombhoshongo olawulayo kulobubusuku futhi awungamele, eqondisa ukuKhanya kwabo, impilo yabo kulelihora elimnyama, lapho sekufika esikhathini lapho izizwe zingazi ukuthi zenzeni, kodwa Wena uyiNdlela, iQiniso, nokuPhila. Sijabula kakhulu ukuthi sake saKuthola, Nkosi, eminyakeni eyadlula, uyigugu kakhulu enhliziyweni yethu, UluSizo olukhona esikhathini senkathazo. Ngiyabakhulekela, ngamunye, ukuthi bazogcwaliswa ngoMoya oNgcwele, kulobubusuku.

30 Busisa abagulayo nabahluphekile osesakhiweni nongaphandle kwesakhiwo, abalulamayo, kumbe noma bangaba kuphi, sikhulekela umusa kubo, Baba.

31 Manje, sizoKucela ukuba ubusise ibandla, uqhubeke ulibusise. Sifuna ukuKubonga ngalokho Okwenzela lomzimba wendawo, lapha, wamakholwa, laba abangcwelisiwe, abantu abamesabayo uNkulunkulu abesaba iGama laKho, Nkosi, futhi baKukholwa ukuthi Uzoza, ngoluny’usuku, ukuba usemukele. Noma silala othulini, aluyikuvimbela, ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyokhala, abafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala, siyahamba, empeleni, ukufa ngeke kusivimbe, akukho okungasivimbela ekuhlanganeni naYe.

32 O Nkulunkulu, sijabula kakhulu ukuba neGazi likaJesu libhecwe emiphefumulweni yethu, uMoya waKhe uhlala phakathi kwethu! Siyakhuleka manje ukuthi Uzosenza sonke sibe yizakhamizi zoMbuso, kulobubusuku. Nkulunkulu, phulukisa abagulayo nabahluphekile, thola udumo kuWe uqobo.

33 Futhi njengoba sisondela eZwini laKho manje okomlayezo kulelibandla elilindile, abanye balindele ukubusiswa, abanye balindele ukugcwaliswa, abanye balindele ukuphulukiswa, abanye balindele ukusindiswa, makuthi uMoya oNgcwele usikhonzise sonke, Nkosi, ngokwezidingo zethu.

34 Futhi isidingo sami, ngokujulile, simanje, Nkosi, nguWe, woza ukhulume, O Nkulunkulu, futhi vumela uMoya oNgcwele uhambe phezu kweZwi lapho Wawuhamba phezu kwamanzi ekuqaleni, futhi uthi, "Makube-khona ukuKhanya," njengoba iZwi liphuma, ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

35 Ekufundweni, uma ningathanda ukukumaka. . .Futhi bengisetshenziswa, emavikini ambalwa edlule, ukukhuluma nokumaka phansi izingxenye zemiBhalo, futhi nginamakhasi cishe amane ayo lapha, angazi ukuthi ngiyoke ngifike kanjani kuyo. Kodwa, uma ningathanda ukukwenza, ngani, nemukeleke kakhulu. Ngicabanga ukuthi ngezinye izikhathi manje ukuthi ukuphela sekuseduze kakhulu, ngicabangile, mhlawumbe, ngizofundisa kancane nje ngendaba.

36 Ningahle niphenye kuJohane oNgcwele isahluko 1. Futhi sizofunda umBhalo wokuqala esahlukweni 1, nokufundwa komBhalo wesibili esahlukweni 4 sikaJohane oNgcwele. UJohane oNgcwele isahluko 1, nevesi 40 lesahluko 1, sifunda sehlele kwelama 43. Nesahluko 4, siqala evesini 24, 25, nelama 26. Isahluko 1, ivesi 40:

> *Omunye walabo ababili abathi ukumuzwa uJohane ekhuluma, bamlandela, wayengu-Andreya umfowabo kaSimoni Petru.*
>
> *Yena* ufumana *kuqala umfowabo uqobo uSimoni,* wathi *kuye, Simfumene uMesiya, okungukuthi, ngokuhunyushwa, uKristu.*
>
> *Wamyisa kuJesu. UJesu wambheka, wathi, Wena unguSimoni kaJona: uzakubizwa ngokuthi uKhefase, okuhunyushwa ngukuthi, Itshe.*

37 Futhi evesini 24 lesahluko 4 sifunda lokhu:

> *UNkulunkulu unguMoya: abakhuleka kuye bafanele ukukhuleka ngomoya nangeqiniso.*
>
> *Owesifazane* wathi *kuye, ngiyazi ukuthi uMesiya uyeza, othiwa uKristu:* futhi *nxa esefikile yena, uyakusitshela konke.*
>
> *UJesu* wathi *kuye, Nginguye mina okhuluma kuwe.*

38 Ngifuna ukuthatha igama elinezinhlamvu ezinhlanu lapho okwendikimba: u M-e-s-i-y-a, u*Mesiya*.

39 Ngifuna indaba yami kulobubusuku ibe ngasegameni elithi *UMesiya*. Igama ngokwalo lisho ukuthi "OGcotshiweyo," noma lingasetshenziswa "iNkosi eGcotshiweyo," futhi lisho futhi

"uKristu." Kodwa sizokusebenzisa kuqala kulomcabango we "Nkosi eGcotshiweyo."

40 Kuvela kuqala kuGenesisi 3:15, uma nifuna ukubhala eminye imiBhalo phansi, iNzalo ethenjisiwe yowesifazane, eyayizoba ngoGcotshiweyo. Kuyo yonke imiBhalo bonke abaprofethi bakhuluma ngaLowo ozayo, iNkosi eGcotshiweyo. Ngiyalithanda lelogama *ogcotshiwe*, uNkulunkulu egcoba Oyedwa. Futhi Wayezoba yiNkosi Eyayizoholela u-Israyeli enkululekweni kuzo zonke izizwe, futhi abenze ababusi phezu kwezizwe, iNkosi eGcotshiweyo yayizokwenza lokho.

41 Ngikholwa ukuthi uJesu waseNazaretha wagcwalisa yonke incazelo bonke abaprofethi abakhuluma ngayo yokuba nguMesiya. Ngikholwa ukuthi ku-Isaya 9:6, ngenkathi i, babenakho, u-Israyeli wayecele isibonakaliso, uNkulunkulu wathi, "Ngiyobanika isibonakaliso esingunaphakade," isibonakaliso, isibonakaliso saPhakade, leso esiyoba phakade, wathi, "intombi iyokhulelwa, lokho kuyoba yisibonakaliso. Futhi Lowo ozozalwa nguye, iGama laKhe liyakuthiwa uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, noYise ongunaphakade." Futhi ngikholwa ukuthi uJesu wahlangabezana nakho konke ukuchazwa kwaso sonke isithembiso uJehova asenza njengeNkosi ezayo noMesiya.

42 Akunandaba ukuthi baningi kakhulu kangakanani abakholwa ukuthi Wehlulwa emsebenzini waKhe, UseyiNkosi, UyiNkosi manje, UyiNkosi yabangcwele, iSambulo sisho njalo, "Wena Nkosi yabangcwele." UnoMbuso. Anijabuli yini ukuthi ningowalokho kuBusa kulobubusuku, ekuBuseni koGcotshiweyo na? Akusikho lokho kuphela, kodwa Usenze amakhosi nabapristi kuNkulunkulu, abagcotshiweyo kuNkulunkulu.

43 Manje, nakuba uJesu, ehlangabezana nazo zonke lezizidingakalo, namaJuda ayefunde lezizithembiso iminyaka, kwaze kwathi nyelele kanjani kubo, futhi kwathi nyelele ngaphandle kokuthi bakubone na? Labosiyazi bezenkolo, befunde kahle kakhulu emiBhalweni, bekakhulu kakhulu ngemiBhalo yabo, futhi nokho behluleka ukuMbona ukuthi Ungogcotshiweyo. Kuzwakala nakuba kwakungeke kwenzeke, kubukeka sengathi babeyoMazi, befunde kahle kakhulu, kodwa uNkulunkulu waphuphuthekisa amehlo abo.

44 Kukhombisa ukuthi kwakuyisandla sikaNkulunkulu. Wayaziwa ngokusobala kakhulu, izibonakaliso zaKhe zikaMesiya zaMfakazisa ukuthi unguMesiya, zaMfakazela ukuthi Ungogcotshiweyo. Futhi bona ukuba bakugeje, impela kwakufanele kube yisandla sikaNkulunkulu ukubaphuphuthekisa, ukuthi abakugejanga, noma ukuthi bona, noma lapho ababengeke bakugeje, njalo. Futhi kuyinto efanayo namhlanje, uma iVangeli lifihliwe, lifihliwe kulabo

abayizimpumputhe, futhi indlela kuphela abangamukela ngayo ukubona kungoNkulunkulu.

45 Manje, u-Isaya 9:6, asizukukufunda nje, kodwa Wayezoba nguYise ongunaphakade, uNkulunkulu onaMandla. Ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu kuGenesisi 1:26, kuyakhombisa, uma ubhala lowomBhalo phansi, uGenesisi 1:26, kukhombisa ukuthi uNkulunkulu wenza umuntu ukuba abe ngunkulunkulu kwasekuqaleni, umuntu wenziwa ukuba abe ngunkulunkulu, unkulunkulu omncane. Wenziwa ngomfanekiso nangokufana noNkulunkulu, wayenezandla njengoNkulunkulu, wayenezinyawo njengoNkulunkulu, amehlo, izindlebe, nobuhlakani njengoNkulunkulu, wonke umthambo wakhe, ngoba wayeyindodana kaNkulunkulu, futhi i, uJesu wabhekisela kuye njengonkulunkulu.

46 UJesu wathi, "NingaNgilahla kanjani ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na? Akulotshiwe yini emthethweni wakini ukuthi ningonkulunkulu na? Futhi uma bebiza labo ngonkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu elafika kubo, ningaNgilahla kanjani lapho Ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na?" Wayebhekisela kubaprofethi, abagcotshiweyo, abagcotshwe kancane. UJesu wayegcotshwe kakhulu ngangokuthi Wayengaphezu komprofethi, uJesu wayegcotshwe kakhulu waze Waba ngukuGcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba, *Waye*nguNkulunkulu. Abaprofethi babenohlobo olufanayo logcobo, kuphela esimweni esincane.

47 Futhi kuGenesisi 1:26, ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu, Wamenza unkulunkulu, ngoba Wamnika ukubusa ngaphezulu, futhi wayenokubusa. Wayenamandla phezu kwezinyoni zezulu, izinkomo, phezu kwemimoya, amagagasi, i—izinhlanzi zolwandle, i, yonke into, wayebusa phezu kwayo yonke into. Wayengumbusi, egcotshiwe engumbusi, ngoba wayesekufuzeni futhi emfanekisweni kaNkulunkulu enombuso wasemhlabeni. Yingakho iBhayibheli lithi umhlaba uyabubula, ukhala, ulindele, ukubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu, izwe lilindele indoda ukuba ibuyele esimweni sayo esifanele.

48 Manje, yenziwe ngomfanekiso ngokufuza uNkulunkulu, lokho kwenza okwayo. . .Ngenkathi uNkulunkulu eyenza, uNkulunkulu uyinika omunye woMoya waKhe, ingxenye yokuPhila kwaKhe, futhi isekufuzeni nomfanekiso kaNkulunkulu. Ngakho-ke njengalapha phakathi, umuntu esimweni sakhe semvelo, indlela esiyiyo manje, ungabona ukuthi ungaphezulu kakhulu kunesilwane, njengoba bezama ukuthi sinjalo, ngoba umuntu, esimweni sakhe esiwile, nokho eyindodana kaNkulunkulu ewileyo, usengazenza ngcono, unobuhlakani.

49 Uzakhela indlu engcono, izimo zokuphila; uzenzela

izimo zokuhamba ezingcono, angakwazi ukuzisheshisa yena adabule emoyeni manje ngamamayela angamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye ngehora endizeni ijeti, noma umcibisholo irokhethi.

50 Futhi u—uzenzile ukuze acishe impela ahambe umhlaba wonke emahoreni angamashumi amabili-nane, athumele nje i—isathelayithi emoyeni ngaphezu komkhathi walapho umoya ujika khona, umkhondo wezwe, futhi ame anganyakazi, futhi abuke izwe lidlula ngaphansi kwakhe, futhi ahambe ngokuphelele emahoreni angamashumi amabili-nane, emile nje enganyakazi endaweni eyodwa, anyukele emoyeni futhi ame lapho, abuyele phansi ngqo, futhi abe sekhaya futhi, uma nje ngaphezu ko—komhlaba ozungezayo, lapho umhlaba udonsa umsinga wawo uzungeza, wenza imimoya, kanjalonjalo, umsinga.

51 Umhlaba uphenduka, uzungeza cishe usondele emamayeleni angamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu ngehora, qhabo, ngizothi cishe amamayela angamakhulu ayishumi nanye ngehora. Kungamamayela angamakhulu angamashumi amabili nanhlanu ukuwuzungeza, futhi uhamba njalo emahoreni angamashumi amabili nane, usondele impela emamayeleni angamakhulu ayishumi nanye ngehora. Futhi ukhuphukela emoyeni, futhi ashaye indiva lokho, ame ngaphezu kwamandla adonsela phansi, futhi ame lapho futhi abuke izwe ledlula ngaphasi kwakhe. Uhlakaniphile, unobuhlakani. Futhi u—wenziwe ngomfanekiso nangokufuza uNkulunkulu, futhi kuye kukhona ukuKhanya.

52 Manje, isibonelo nje lapho umuntu esindiswa, ucishe afane nje. . . UkuKhanya okungena kuye kuthi akufane nalenkinobho encane emhlophe eyembeni lami. Yilapho uNkulunkulu engena khona engxenyeni engaphakathi yomuntu. Engxenyeni engaphakathi yomuntu noma. . . Umuntu wenziwe ngohlelo lwetabernakele, emagcekeni angaphandle, bese kuba yindawo engcwele, nendawo eNgcwele-ngcwele, iNkazimulo yeShekina ngaphakathi, iveli.

53 Manje, emasangweni angaphandle omuntu yimizwa yakhe emihlanu engena emzimbeni wakhe. Ngaphakathi, okungumphefumulo wakhe, noma, u—u—umphefumulo uyimvelo yomoya ongaphakathi kwenhliziyo yakhe, iveza umphefumulo wakhe, owenza isimo sendawo emzungezile, naye unezindawo zokungena ezinhlanu.

54 Khona-ke ngaphakathi, unesango elilodwa kuphela, indawo yokungena eyodwa ukungena eNkazimulweni yeShekina, lapho uNkulunkulu angangena kuye, futhi athathe izintambo embhoshongweni olawulayo. Futhi leyondlela ingeyokuzithandela. Noma ngabe uyathanda, noma qha, lokho kukuwe. Kodwa yilowo kuphela umhubhe ovulekele

umuntu uNkulunkulu angangena enhliziyweni yakhe, kungokuzithandela. Umbeka emuva ngqo njengo-Adamu no-Eva ekuzikhetheleni futhi. Ungakhetha okulungile noma okungalungile, noma yikuphi okufunayo.

55 Manje, ukuzithandela, bese-ke uNkulunkulu engena kumuntu, angene enhliziyweni, okungumoya, khona-ke umoya wenza umphefumulo, bese kuthi-ke umphefumulo uhlala emzimbeni. Manje, lapho umuntu esephendukile, ake sithi, njengaleyo encane nje, iNkinobho emhlophe iqala enhliziyweni yakhe, manje, leyongxenye nguNkulunkulu, uNkulunkulu, lapho esezelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, uMoya kaNkulunkulu uhlala kuye.

56 Manje, njengoba engadedela lowoMoya ukhule, futhi akhiphe zonke izimpande zokubaba, bese ecindezela indlela kaNkulunkulu ngaye futhi, angabuyela esimweni esifanayo ayeyiso ngenkathi esensimini yase-Edene. UJesu wathi ku—kuMarku 11:24, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuzofezeka, ungaba nakho okushilo." Lokho kumbuyisela ngqo emuva ebukhosini futhi, kumbuyisela ngqo esimweni.

57 Manje, senziwe ngamamitha okukhanya, ngaphakathi kwethu ngukukhanya komhlaba nezulu. Manje, lokho kukhanya komhlaba nezulu kungukukhanya abangathatha i x-reyi ngakho. I x-reyi ayiveli ekukhanyeni kwe x-reyi, ivela ekukhanyeni okungokwakho uqobo. Bese kuthi-ke uma lokho kukhanya komhlaba nezulu, asithi, bekungafuqelwa endaweni lapho kungesikho ukukhanya komhlaba nezulu, kodwa ukuKhanya okuPhakade, uNkulunkulu ubengahlala ngokuphakeme, ukuba enze ukucabanga kwethu, enze ukuhamba kwethu, enze ukukhuluma kwethu, khona-ke akusesiye umuntu, nguNkulunkulu kumuntu.

58 Ngicabanga ukuthi nginivala izindlebe nga*le*nto, ngoba ngiyayizwa inokuwawaza, inephimbo elibi kabi. Akusimina, yi*lokhu*, manje niyabo, kubeke kulokho.

59 Manje, unokuKhanya, ukuPhila. UkuPhila okuPhakade kungukuKhanya kukaNkulunkulu okuhlala kumuntu. Futhi lapho ezozinikela kuMoya, kakhulu uba ngongenamizwa onjengesoni, futhi afane noNkulunkulu kakhulu.

60 Lapha esikhathini esingeside esedlule bathatha i x-reyi yendoda ikhulekela indoda egulayo, i*Reader's Digest* yakubhala, futhi bathola umsebe wokuKhanya uvela kwenye yamadoda, hhayi onke, kodwa esinye sezandla zamadoda sabonisa umsebe wokuKhanya ngenkathi bebeka isiqephu sensimbi ewumthofu ngaphansi kwesandla sendoda. Ngiqagele nazifundela qobo lwenu.

61 ENgilandi, baphendula aba*phulukisi*, bababiza, badedeleka kuzo zonke izibhedlela, kwakunamaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili ngaphezulu ukuphulukisa okwenziwe ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu kunokwelapha kwezemithi okwakwenziwe. I*Reader's Digest* yakucosha ngapha, lokho kwakukwi*Newsweek*, ne*Reader's Digest* yakucosha yase ikuhlola, futhi bathola ukuthi kukhona umsebe wokuKhanya.

62 Ngenkathi lendoda, ngobuqotho, ingazi ukuthi babekwenza, yabeka izandla zayo phezu kwendoda futhi yakhuleka umkhuleko oqotho, babebeka i x-reyi phansi, futhi bathola ukuKhanya, kuvela esandleni sayo. UNkulunkulu wayazi ukuthi Wayekhuluma ngani ngenkathi Ethi, "Bekani izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda." Uyazi ukuthi Wayekhuluma ngani. O, ngifuna ukubona iBandla licindezela liyongena kuleyondawo lapho Lingafika khona njengoba uNkulunkulu eLifuna libe njalo!

63 Khona-ke ngenkathi uNkulunkulu enziwa inyama futhi waba nguMesiya, khona-ke uma singazinikela ukuba sibe ngabagcotshiweyo njengoba Wayenjalo, siba ngabakaMesiya, iziNkanyiso ezincane. Yilokho iBandla elifanele ukuba yikho, iziNkanyiso, abagcotshiweyo abancane. Lelo yiBandla likaNkulunkulu.

64 UkuKhanya kwaKhe okumile kungukuKhanya kukaMesiya, uKristu ovukile kubantu baKhe, abagcotshiweyo, eqhuba ukuKhanya kwaKhe kuyo yonke iminyaka yebandla. Ngezinye izikhathi Kucishe kucishe nya, bese-ke Kuyabuya futhi, Eligcotshiweyo likaNkulunkulu, iBandla likaNkulunkulu lobuMesiya.

65 Uma u*Mesiya* kuchaza ukuthi "Ogcotshiweyo," futhi kusho "iNkosi," khona-ke uma iBandla ligcotshwe nguMoya kaMesiya, liba ngelincane, kodwa noma kunjalo, uMesiya, ngoba LinokuKhanya kwaKhe, libonakalisa amandla aKhe, libonakalisa inkazimulo yaKhe, libonakalisa ukubusa kwaKhe, ngakho Lingu*Mesiya*. O, liMbonakalisa kanjani eMbusweni waKhe ekubuseni kwaKhe!

66 Inkathazo namhlanje, sihlele ibandla ekufeni, futhi sinenhlangano esikhundleni sokuKhanya kukaMesiya. SinamaRussell, iproselite, nazo zonke ezinye izinhlobo zoku*khanya*, kodwa sidinga uku*Khanya* kukaMesiya, okudingwa yibandla namhlanje, uku*Khanya* kukaMesiya. O, ngiyaMthanda ngokulunga kwaKhe!

67 Manje, lelo yiqiniso, uNkulunkulu obizwa ngoMesiya, uNkulunkulu wasibiza, futhi siba ngamakhosi nabapristi kuNkulunkulu, njengoJesu wayengumPristi oMkhulu kaNkulunkulu, siba ngumpristi omncane. UJesu wayenguNkulunkulu ekuGcwaleni, wahlala kuYe ukuba akhanyise ngaphambili ukuvezwa kukaNkulunkulu ezweni,

ngokuba uNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe uqobo. Futhi njengoba uNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo, UNkulunkulu ungena eBandleni laKhe futhi aMgcobele abanye bakaMesiya. O, he! Niyakubona na?

68 Izinto ezifanayo Azenza iseBandleni laKhe, amandla afanayo Ayenawo aseBandleni laKhe, neBandla laKhe liba ngukuBusa kwaKhe, futhi UyiNkosi phezu kwaloMbuso, futhi singamakhosi nabapristi, sinikela ngemihlatshelo yokomoya kuNkulunkulu, izithelo zezindebe zethu zinika udumo eGameni laKhe. Amen. O, he! Nakho lapho okhona. AbakaMesiya, abakaMesiya, omesiya abancane, abagcotshiweyo abancane. Wagcotshwa kukuphi na? OMkhulu, ogcotshwe ngoMkhulu.

69 O, ngenkathi uJesu esemhlabeni, babengenakuMphika enguMesiya, ngoba Wenza izibonakaliso zikaMesiya. AmaJuda aphuphuthekiswa, futhi yingalesosizathu engaMbonanga futhi abone izibonakaliso zaKhe njengoMesiya. Yileyo indaba ngebandla kulobubusuku, liphuphuthekile, izwe elingaphandle, abakwazi ukukubona, ngoba unkulunkulu walomhlaba uphuphuthekise amehlo abo ezintweni ezingokomoya. O, ukuba kuphela besingaqonda!

70 UJesu wahambahamba futhi wenza izibonakaliso zikaMesiya, nabantu baMhlambalaza. Futhi uma bahlambalaza iNkosi enkulu eGcotshiweyo, uMesiya, bazobabiza kakhulu kangakanani abendlu yaKhe, boMbuso waKhe na? OBelzabule, futhi noma ngabe yini enye abaMbiza ngayo, bakubiza ngokubi kunalokho, "Umgingqiki ongcwele, umgxumi ongcwele, *enye into ethize*." Bahlala njalo benegama eliyihlazo laKho, ngoba livela kudeveli. Futhi bababiza abendlu yaKhe, Wathi, baningi kunabo. . . uma baMbiza kanjalo, babeyobabiza ngokuthini abendlu yaKhe na? Kodwa noma kunjalo, kwenza okufanayo nje.

71 Manje wena uthi, "Manje, Mfowethu Branham, uJesu wayenesibonakaliso sikaMesiya. Sazi kanjani ukuthi sasiyini isibonakaliso na?" Awu, ngenkathi Efika, iBhayibheli lasho ukuthi lapho uMesiya efika, Uyoba ngu—ngumProfethi, futhi uyokhombisa izibonakaliso zomprofethi, noma yimuphi uthisha womBhalo uyakwazi lokho, uMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami."

72 Futhi labo, ngenkathi Enza lezozibonakaliso zokuZibonisa, njengasesa—sahlukweni 4 lapha, ngenkathi Etshela owesifazane ukuthi wayenamadoda amahlanu, wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena. Siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uyositshela zonke izinto."

Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

Wagijimela emzini wayesetshela onke amadoda omuzi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Kungebe nguye impela uMesiya lona na?"

73 UJesu wathi, qobo lwaKhe, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Uma Ngizisho ukuthi nginogcobo, futhi ngingayenzi imisebenzi kaNkulunkulu, ngoba Ngigcotshwe nguYe, ngaYe, AkuMina owenza imisebenzi, okungukuthi, uBaba uhlala kiMi, Wenza imisebenzi, futhi uma Ngingenzi leyomisebenzi, khona-ke ningaNgikholwa, kodwa uma Ngiyenza, kholwani yiyo."

74 Manje, lokho kwakungokukaMesiya, kwabakaMesiya, iBandla. Nakhu kufika. Nilungele na? UJohane oNgcwele 14:12, uJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo, naye uyakuyenza," abakaMesiya, kunjalo, abakaMesiya, ukumelwa kukaMesiya emhlabeni, namanje.

75 UMarku 16, Wathi, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakulandela," abakaMesiya. "Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa. Ongakholwayo uyakulahlwa, nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

76 Kude kangakanani na? Kuwo wonke umhlaba. Kubani na? Zonke izidalwa. O, ngijabula kakhulu! Uzokuhlikihla ukususe kanjani lokho na?

Wathi, "Kukubafundi kuphela nje."

77 Kubafundi na? Wathi, "Kulo lonke izwe, nakukho konke okudaliweyo. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

78 Ngiyamangala ukuthi lapho abantu abangakholelwa ezibonakalisweni nezimangaliso zilandela amakholwa, ubuyoke uwufunde kanjani umlando webandla futhi ucabange ukuthi kwanqamuka kubaphostoli na? Iminyaka yebandla, ngafunda iNicene Fathers, i*Nicene Council*, o, bonke ababhali basendulo engangingacabanga ngokubafunda, i*Two Babylons* kaHislop, nezininingi zezinye izincwadi zasendulo, futhi kwehle njalo kuze kuyofika ebandleni eliKatolika lasekuqaleni, phansi eminyakeni engamakhulu ayisithupha yokuqala emva kukaKristu, kwakukhona u-Irenaeus, uMartin oNgcwele, uColumba, nabo bonke labo, bonke balawomadoda angcwele, bashumayela umbhaphathizo eGameni likaJesu Kristu, bashumayela ukuthethelelwa kwezono, bashumayela ukukhuluma ngezilimi, bavusa abafileyo, baphulukisa abagulayo, izibonakaliso nezimanga zabalandela zaze zayothi ngqu eziKhathini zoBumnyama, nangeZikhathi zoBumnyama. Kube nedlanzana elincane kusukela phansi le, ligcina lokho kuKhanya kweVangeli kukhanya. Kwakuyini na? AbakaMesiya, labo ababambe ngaphambili ukumelwa koMbuso wobuMesiya.

79 UJesu akazange ehluleke, Wenza khona impela Ayethunywe ukuba akwenze, futhi Ufikela ukumisa uMbuso, futhi

Wakwenza. UMbuso kaNkulunkulu ungena enhliziyweni ngamandla kaMoya oNgcwele, uletha uMoya kaNkulunkulu phezu kweBandla eligcotshiwe ukwenza izibonakaliso nezimanga njengoba Enza, ukufakazisa ukuthi uMesiya uyiNkosi yoMbuso waKhe. Amen. Ngizwa kuthi angimemeze kancanyana, qobo lwami, manje.

80 O, lapho kunabantu abaningi kakhulu abakhiphe ikhadi, "Woza usijoyine, woza ujoyine *lokhu*, woza ujoyine *lokhu*. Sinokukhulu kunakho konke, sina*lokhu*, sinokubiza kakhulu!" Kwenza mehluko muni lokho na? Konke lokho kungubuwula futhi kuzobhubha.

81 Kodwa uMbuso kaNkulunkulu umiswa enhliziyweni nasemphefumulweni womuntu ngesambulo sikaJesu Kristu. Futhi Wathi, "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule." Phezu kwalesisambulo, nokuba nesambulo uba yikholwa, futhi ukholwa ukuthi lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.

82 Niyabona ukuthi uMesiya uyini na? UMesiya nguMbuso kaNkulunkulu, abagcotshiweyo, labo abagcotshwe ngoMoya ofanayo Ayegcotshwe ngawo. Yena . . .

83 Omunye wathi kuYe ngelinye ilanga, "Ngabe amadodana ami ayohlala ngakwesokunene nesokhohlo na?"

Wathi, "Ungasiphuza isitsha eNgisiphuzayo na? Ungabhaphathizwa ngombhaphathizo eNgibhaphathizwa ngawo na?"

Wathi, "Yebo."

Futhi Wathi, "Uzokwenza. Kodwa uMbuso, ukuhlala ngakwesokunene nesokhohlo akusikho okwaMi ukupha."

84 Ngakho kwakhombisa ukuthi singaphuza isitsha esifanayo sokuhlushwa, sibizwe ngo*Belzabule*, kumbe noma kungaba yini, futhi usalokhu ubhaphathizwe ngoMoya ofanayo Abhaphathizwa ngawo, ngakho uma Wayebizwa ngo*Mesiya*, okungukuthi Wayenguye, ngoba Wayegcotshwe ngalowoMoya oNgcwele, futhi noma yiliphi ibandla eligcotshwe ngoMoya oNgcwele ofanayo lingelikaMesiya, omncane, unkulunkulu omncane. Futhi ngoluny'usuku lapho lomzimba uvuswa, ngethemba ngaphambili, ukuthi uNkulunkulu angathola isigejane sabantu esizobonakalisa amandla aKhe kuwo onke amazinga okufanele kube kuwo.

85 *Mesiya*: "Ogcotshiweyo, iNkosi yokukhulula, iNkosi." Ningamakhosi nabapristi, amakhosi ukuba niwangenise, abapristi ukuba bakhonzise kuMesiya. Izibonakaliso zaKhe zazizolandela kuyo yonke iminyaka, zibonakalisa ukuKhanya kwaKhe, uBukhona baKhe noMbuso waKhe, abantu.

86 Manje, unga—awudingi ukuba ufe ukuze uthole lokhu, ufanele ufe ngokomoya, kodwa awudingi ukuba ufe

ngokomzimba. Ingaphakathi yilapho uNkulunkulu engena khona ukuba akulawule, futhi Yena, njengoba Ezicindezela Yena uqobo phambili kuwe, ungavumeli noma iyiphi impande yokubaba, inzondo, ububi, umbango, oyo—oyoMbuyisela emuva ngqo futhi. Nje thola konke ukuncishana, nezinkoleloze, nakho konke uku—ukungakholwa kuphume kuwe. Futhi ngaso sonke isikhathi lapho uphuma ekungakholweni okuncane, uNkulunkulu uthatha isinyathelo kahle, futhi athathe izintambo, akhiphe ukungakholwa.

87 Watshela uJoshuwa, "Nomaphi lapho amathe onyawo lwakho ebekwe khona, lokho Ngikunika khona." Futhi kulobubusuku, njengoba singena eMbusweni, uMbuso kaNkulunkulu, sikhipha bonke abangakholwayo abangamaFilisti, nawo onke ama-Amori, nama-Amaleki, nanoma yini enye, sikuphose kusuke kithi kanjalo, siyalidla. Amen. Ngiyakuthanda lokho.

Uthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule."

"Nina ma-Amori, phumani kimi! Ngabeka unyawo lapho, ngathatha izintambo."

"Ayikho into enjengoku—njengokubona imibono."

"Phuma lapha, wena mu-Amaleki! Ngiyeza."

88 Nakho lapho okhona, ucindezela uyaphuma. KuleyoNkinobho encane ngukwengamela imithambo yakho, indlaleka, uNkulunkulu esebenza ngawe, kuwe, ngakuwe.

89 Akumangalisi u-Eliya wabeka umzimba wakhe phezu kwaleyongane efile futhi yaphila, KwakunguNkulunkulu kulowomuntu. UNkulunkulu wayekade engamele, wayegcotshiwe, uJesu wathi wayegcotshiwe. Wonke umprofethi kaNkulunkulu eTestamenteni eLidala wayegcotshwe ngoMoya oNgcwele, babegcotshiwe, khona-ke babeyiziNkanyiso ezincane. WayengukuGcwala kukaNkulunkulu, enguMesiya, babengoMesiya ngaleyonkathi, oMesiya abancane, ngokuba babegcotshwe ngoMoya ofanayo Agcotshwa ngawo, kuphela WayenaWo ekuGcwaleni.

90 Futhi wonke umuntu namhlanje owemukele umbhaphathizo weqiniso kaMoya oNgcwele ugcotshwe ngoMoya ofanayo uJesu waseNazaretha ayenguye, owayehamba enza okuhle futhi ephulukisa abagulayo. O, he! Lokho kungenza ngizizwe ngikahle ukwazi ukuthi Uyaphila namhlanje.

91 Kukhona okuthize ngomuntu, ungunkulunkulu, wenziwa waba ngunkulunkulu, inhloso yakhe lapha emhlabeni kwakungukuba abe ngunkulunkulu, ukuba abe nokubusa phezu kwakho konke okusemhlabeni. O, he! Manje, ningakuvumeli lokho kuningabazise, ngoba ngineminye futhi imiBhalo ebhalwe phansi lapha, niyabo.

92 Lapha ngobunye ubusuku ngabona ekusakazeni kwethevishini kwendoda enokuphathele nengqondo, ukukholwa kwengqondo ibeke ingilazi yamanzi, futhi yama emuva futhi yayilokhu igxile kuleyongilazi yamanzi yaze yayiqhumisa, ngokugxila nje, ibuka leyongilazi yamanzi, nengilazi yaba nofa, namanzi aphuma, ukuzahlukanisela kwengqondo okumsulwa nje.

93 Ngani na? Lokho yimisipha yakhe, lokho ngukwakheka kwakhe. Uma ingenza lokho, inamandla kuyo, ngokucabanga kwengqondo, okungabulala ingilazi yamanzi, nayo iyisoni, lokho kukhombisa ukuthi kwakukhona into ethize eyenziwa kulowomuntu. Usesimweni esiwile—esiwile, esiphendukezelwe, kodwa uma leyondoda kuphela ingabuyela kuNkulunkulu, futhi idedele uNkulunkulu angene kuyo, ngani, ngalawomandla adedelwe oMbuso kaNkulunkulu!

94 Yayingenasidlulisi-gesi, yayifana nesibhamu esikhulu ingebe, yavele yasakazeka yonke indlela, kodwa uma lowomoya okumuntu ubungaguqulwa, bese ufaka uKristu phakathi lapho, lapho uneSidlulisa-gesi (I*sidlulisa-gesi* yintambo ewuhambisayo. Amen.), futhi makuthi indoda enalokho kukholwa okufanayo kwiSidlulisi-gesi seZwi likaNkulunkulu, angavusa abafileyo, ahlanze abanochoko, akhiphe amademoni. Amen. Wenziwe waba njengonkulunkulu, ubukeka njengoNkulunkulu. Impela kwakunjalo, yingalesosizathu uNkulunkulu wayengumuntu, umuntu wayenguNkulunkulu, futhi lena yizinzalo zaKhe, umuntu. Uzama kuphela ukubamba umuntu, ezama ukuthola umuntu esandleni saKhe.

95 Manje, hhayi izidlulisi-gesi. . . Manje, akusiyo yonke isayense yezenkolo ewuhlobo olufanele lwesidlulisi-gesi, niyazi, kunenqwaba yesayense yezenkolo eyisivimbela-gesi kukho. Kunenqwaba yamabandla athi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, odeveli kuphela abakhuluma ngezilimi.” Manje, leso yisivimbela-gesi, awufuni lutho olunjalo, suka kulokho. Buyela eZwini, iZwi liyiSidlulisi-gesi sikaNkulunkulu. Umuntu okholelwa eZwini likaNkulunkulu, uneZwi likaNkulunkulu, ame aphakame njengalezizakhiwo nxazonke lapha lapho ephuma kukho. Lingubasi, Liqondisa indoda, Liqondisa umoya, lapho phakathi lapho umuntu enziwe ukuba abe nokukholwa okukhulu.

96 Okwenza, ngashumayela lapha kulelitabernakele esikhathini esithile esedlule ngokuthi *Ukomela UkuPhila*, yini eyenza owesifazane afune ukuphuma lapha nomculo wokuzibinya na? Yini eyenza umfana, inganyana eyinjejane, ifune ukwenza lokho na? Futhi akusikho lokho kuphela, kodwa umkhulu nogogo. Bakwenzela ini na? Yini ebenza baphumele lapha na? Kungani abantu befuna ukuziphatha ngendlela abenza ngayo na? Yingoba benziwa ukuba bomele i*Nto ethize*,

futhi, benziwa ukuba bome, kodwa ukomela uNkulunkulu, futhi bazama ukuthulisa lokho koma okungcwele ngokuvumela udeveli anqwabele lokho akubiza ngezinjabulo kukho.

97 Awusoze, neze, awusoze wakwenelisa uNkulunkulu aze angene futhi alawule. Ungasina, ungaphuza, ungaphinga, ungenza noma yini oyifunayo, futhi uyovuka, uphethwe yikhanda, futhi ngolunye usuku esihogweni. Kodwa isizathu sokuba wenze lokho yingoba wenziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu ukuba womele uNkulunkulu. UNkulunkulu ufuna ukungena lapho, uNkulunkulu ufuna ukuvumela iZwi laKhe lingene kuwe. Futhi aLisebenzise njengesiDlulisi-gesi, uNkulunkulu washo njalo.

98 Njengo-Abrahama, "UNkulunkulu wathi uzoba nengane."

"Wazi kanjani ukuthi uzoba nayo na?"

"UNkulunkulu washo njalo."

"Uneminyaka eyikhulu ubudala, ungaba nayo kanjani na?"

"UNkulunkulu washo njalo."

Wayegcotshiwe. Amen. Wayegcotshiwe, futhi wayeneZwi, neZwi lagcotshwa kuye, Laliyisidlulisi-gesi esiholela enganeni.

99 Noma yimuphi owesilisa noma owesifazane, kulobubusuku, uzothatha leloZwi likaNkulunkulu elifanayo, "Ngemivimbo yaKhe siphulukisiwe thina," makuthi ugcobo, uMesiya, lufike phezu kuwe, lesosiDlulisi-gesi sizokuhola kahle, kuqonde ngqo ekuphulukisweni kwakho, Sizokuholela ensindisweni. O, ngiyakuthanda nje!

100 Yilokho Okuyokwenza, ngoba wenziwa ukuba wome, wenzelwa uNkulunkulu, nodeveli uzama ukukuphendukezela, akwenze ucabange ukuthi unesikhathi esimnandi phandle lapha, akugcine uphuphuthekile njengoba enza, enza amaJuda, kuze kube yisikhathi owela ngaso umugqa ohlukanisayo, futhi khona-ke usuphelile.

101 Yilapho lesisizwe esikhona namhlanje, futhi hhayi lesi kuphela kodwa ezinye. Izwe aliyikukukholwa, iBhayibheli lasho kuThimothewu wesiBili 3 ukuthi "Ngezinsuku zokugcina lapha ukuthi bayoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebi, abangazithibi, nabazonda labo abangabakaMesiya, abakhaphelayo, abanawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, benesimo sokumesaba uNkulunkulu."

102 Ungalokothi ubheke lokhu okukhulu, uhlobo oluphakeme lobuvangeli, nezinto, ukwenza noma yini, leyo akusiyo indlela kaNkulunkulu yokukwenza. "Weza kwabaKhe uQobo, abaKhe uQobo abaMemukelanga." Niyabo? Wayemncane, Akazange. . . Ngani, Wayehlala khona lapho ePalastine yonke impilo yaKhe cishe, futhi ngingathi amaphesenti angamashumi

ayisishiyagalombili abantu awazange azi ukuthi Wayelapho. Kodwa Wathunyelwa eBandleni, Wathunyelwa kubantu Ayezobemukela, Wayebazi abaKhe uQobo, abaKhe uQobo uyaMazi, "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi."

103 Ningakuvumeli lokho kwedlule, Shreveport, ngiyacela. Bamba lokho! "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi ngeZwi laMi. IZwi laMi, uma lifundisiwe futhi lingamemezeli into efanayo eNgayenza, khona-ke isidlulisi-gesi esingalungile." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . UbuMesiya. Kanjalo nokhozi olunakho, siyakwazi lokho.

104 Futhi manje, sithi kokomuntu . . . Umuntu, ngaphambi kokuba ngishiye leyondaba, umuntu, uyini na? Unesandla njengoNkulunkulu, unamehlo njengoNkulunkulu, unezindlebe njengoNkulunkulu, unomzimba njengoNkulunkulu, wabunjwa wafana noNkulunkulu. Wanikwa umhlaba nombuso, wenziwa unkulunkulu phezu komhlaba ukuba abuse umhlaba, unkulunkulu omncane. UNkulunkulu ubusa umhlaba nezulu, yonke into, kodwa umuntu wanikwa umhlaba, ukuba abuse umhlaba, wayengo—wayengokaMesiya.

105 Uyilokho-ke kulobubusuku uma ebuyela kuNkulunkulu, ungokaMesiya, uMesiya omncane. Uma e . . . Uma u*Mesiya* kuchaza ukuthi, "OGcotshiweyo," futhi ugcotshiwe, khona-ke uyini wena na? Kunjalo impela, okaMesiya. Sikubiza kanjalo nje ngenxa yeZwi, size siqhubekele phambili kancane emBhalweni kukho. Kulungile.

106 Senake nacabanga ngalokhu na? Ake nginibuze okuthize nje. Ngibukeni umzuzu. *Lesi* yisandla sami, *lowo* ngumunwe wami, *lena* yindlebe yami, *leli* yikhala lami, kepha ubani u*mina* na? *Lokho* aku*mina*, *lokho* kuyinto engeyami. Niyabo? *Lesi* yisandla sami, kodwa ngingubani *mina* ongumnikazi wesandla na? Hhe? Niyabo, *lena* yindlu nje engihlala kuyo. Nhloboni ye . . . ?

107 Awu, kufanele kube nento ethize phakathi lapho ebizwa *ngami*. *Mina* ngizofanele ngibe ndawondawo, ngoba *lokhu* ngokwami. Niyakubona na? *Mina* ngumuntu othize, ngoba kukhona enginakho. Nginesandla, ngesami. Awu, ngingubani *mina* ukuthi *lokho* ngokwakhe na? Lowo ngumoya wakho. Awu, kuya ngokuthi hlobo luni lomoya lowo. Lowo eninikela amalunga enu kuwo, yilowo oyinceku yakhe.

108 Futhi khona-ke, uma ungachachambisa ingilazi yamanzi ngenxa yokuthi unokufunda ingqondo, umcabango wengqondo, namandla athile ongamisa ngokuba yisidalwa esingumuntu, amandla angamandla engqondo angabonakali, futhi angaziwa, kuphela ngalowomjikelezo, uma ungaqhumisa ingilazi yamanzi, kodwa lolohlobo lomoya, umuntu, ophendukezelwe, umoya olahliwe, ngoba wenziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu, ungenzani lapho uvumela uNkulunkulu okwenza umfanekiso angene kuwe futhi akulawule na? Amen. Ungaletha zonke

izithembiso zikaNkulunkulu zifezeke. Yebo, mnumzane. Sonke isithembiso uNkulunkulu asethembisa sizofezeka. Kulungile.

109 ISipho sikaNkulunkulu yiZwi laKhe, uNkulunkulu wethembisa, wenza iSipho, wathumela iSipho, uthatha iSipho, bese kuthi-ke ngeZwi laKhe, naso isiDlulisi-gesi sakho. NgeSipho sikaNkulunkulu, uma uNkulunkulu ekunika iSipho sikaMoya oNgcwele (Uyakukholwa lokho na?), awu, iZwi likaNkulunkulu liyisiDlulisi-gesi ukusebenzisa lawomandla ngaso, noma ngabe yini uMoya oNgcwele akwethembise yona, yilokho ongakwenza.

110 Niyabo, leyo yiNto eletha iZwi, iZwi liphuma ngqo, noMoya oNgcwele ulandela iZwi. Nomaphi lapho iZwi lishunyayelwa khona, ubona umelusi wakho elishumayela, into yokuqala uyazi, "*Whewu*," ngaphesheya kwesakhiwo kuhamba uMoya oNgcwele. Niyabo? Kunjalo. YisiDlulisi-gesi seZwi. IZwi liyahamba, noma, iZwi liyisidlulisi-gesi sikaMoya, ngoba lapho iZwi lishunyayelwa khona, uMoya uyalilandela, nomaphi lapho Liya khona, ngani, uMoya ulandela iZwi. O, ngiyakuthanda lokho! Ngiyakuthanda ukufundisa kweBhayibheli okuzwakalayo, noMoya oNgcwele weBhayibheli ubuya uqinisekisa ukufundisa kweBhayibheli.

111 Uma uMoya oNgcwele ungakuqinisekisi, khona-ke unezingcingo zakho eziphambanisiwe, unesemhlabathini ndawondawo. Yebo, mnumzane. Uma ungathola leloZwi lihhukwe kwisiphehli-gesi, leyonto enkulu ekhipha ukugcwala kwamandla kagesi, Uzovele nje—Uzovele nje akokhelele lowo Waya omncane, kunjalo, futhi Uzokwenzela izinto.

112 Ngenkathi uJohane umBhaphathizi ephuma, waye—waye—wayeyingxenye yeZwi, wayefana nokaMesiya. Wa—wagcotshwa nguNkulunkulu ngeZwi, wayeyisipho sikaNkulunkulu esafika ezweni. Niyakukholwa lokho na? U-Isaya 40 wathi wayeyizwi lomemeza ehlane. Futhi ngenkathi efika futhi wangena endaweni yakhe ukuba akhale ehlane, wayengesabi ngokuphelele ngakho. Amen. Yebo, mnumzane. Mfowethu, manje buka ukuthini, ukuthi wayemkhulu kangakanani.

113 Manje, ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma ngoJohane eza, ngani, Wathi zonke izintaba zatshekula njengezinqama ezincane, amaqabunga ashaya ihlombe, nezindawo eziphakeme zenziwa zaba phansi, nendawo ephansi yenziwa yaphakama. Sengathi ngiyabona ukuhumusha kwesayense yezenkolo yalokho kwakungukuthi, "Bazalwane abangcwele, ngoluny'usuku uNkulunkulu uzohlehlisa imihubhe yaseZulwini, ehlise iladi likaJakobe, futhi kuzobakhona umprofethi onamandla ohamba ehla ephuma emoyeni, nomphelekezeli weziNgelosi eza naye, ehlela emhlabeni. Futhi uzokwehlela egcekeni, khona lapha, manje, nethempeli, lapho ithempeli

elingcwele likhona, futhi uma uKayafase engumpristi omkhulu, uyothi, 'Wena oHloniphekile, mnumzane, ngehlile.'"

114 O, he! Kwenzekani na? Ngenkathi efika, kwakungumfo omdala onobuso obufiphele ephuma ehlane, isiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso, mhlawumbe engazange ageze njalo ezinyangeni ezintathu, ephumela lapho, emi odakeni kuze kuyofika emadolweni akhe, wayesethi, "Phendukani, ngokuba uMbuso weZulu ususondele!" Lokho kungenkathi izintaba zeqa njengezinqama ezincane, lokho kungenkathi amaqabunga eshaya ihlombe, yilapho izindawo eziphakemeyo zenziwa zaba phansi, nezindawo eziphansi zenziwa zaba phezulu.

115 Lokho—lokho umuntu akubiza ngokuthi kukhulu, uNkulunkulu ukubiza ngobuwula. Ngiyamangala, obunye bobukhulu bethu bobuvangeli namhlanje, uma uNkulunkulu engakubizi ngesigejane sobuwula, ezama ukuqhakambisa omunye umuntu omkhulu, amayembe agxishiwe, nakho konke. Ngiyamangala nje ukuthi uNkulunkulu ucabangani ngakho. Ngani, Ubeyoba ne . . .

116 Akusilo, leli—leliVangeli alizukunyakazisa izwe, akusilo izwe linyakaza, yiBandla linyakaza, kunyakazisa iBandla. Khona manje, kuleminyaka embalwa edlule, iBandla belinyakaziswa sengathi aLizange, nezwe alazi lutho ngakho. Kwakungafanele kunyakazise izwe, bafile, empeleni. Ungeke uzinyakazise lezo ezindala, izidumbu ezifile phandle lapho, zife kabili, zasishulwa ngezimpande. Ungakwenza kanjani na?

"Awu, ngingoka*S'bani-bani* . . . "

Awu, qhubeka futhi ube ngowaso. Niyabo? Ungeke wabanyakazisa.

"Awu, ugogo wenza *ukuthi-nokuthi*."

117 Lokho ngukuthi, akunandaba ukuthi ugogo wenzeni, uNkulunkulu wenzani manje na? Lokhu ngukuKhanya, hamba kuKho. Ugogo wayephila ezinsukwini zakhe, wayekahle, kodwa ungeke waphila empilweni yakhe. Awuzigqoki ngani izingubo zakhe-ke, dade na? Mhlawumbe lokho nje bekuyisikhundla esincane futhi, kodwa . . . Qhabo, ufuna ukuthatha ibandla lakhe, kodwa ungeke uzigqoke izingubo zakhe.

118 Bonke abaprofethi beqiniso bakaNkulunkulu bayamemeza bamelane nesono, bonke abagcotshiweyo bayakwenza. Lelo yiqiniso, bayakwenza. Futhi uNkulunkulu ugcina iZwi laKhe kuwo wonke umuntu, Uyakwenza njalo. UNkulunkulu uzonithatha . . . Lokho ngukuthi, nizokwemukela sonke isithembiso uma nidlula endlini yokuhlanzwa yePhentekoste.

119 Niyazi, ubhala isheke, ngeke balikhokhe lelosheke lize liyodlula endlini yokushintshanisa imali phakathi kothengayo nothengisayo, kuzofanele kwedlule e—endlini yokushintshanisa

imali phakathi kothengayo nothengisayo, khona-ke isheke liyakhokhwa. Futhi lapho uthi uphendukile, futhi usulungele ukudlula endlini yokushintshanisa imali phakathi kothengayo nothengisayo kaNkulunkulu yePhentekoste, uNkulunkulu uzokhokha ngazo zonke izipho Azethembisa. Amen.

120 Zama iZenzo 2:38 kanye, futhi ubone ukuthi ngabe leyo yindlu yokushintshanisa imali phakathi kothengayo nothengisayo yaKhe. Niyazi, uPawulu wahlangana nabanye abantu eZenzweni 19 ababengakedluli endlini yokushintshanisa imali phakathi kothengayo nothengisayo, nokho. Yebo. Wathi, o, babenokujabula okukhulu, kodwa wathi, "Namamukela yini uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?"

Bathi, "Besingazi noma ubekhona."

Wathi, "Wabhaphathizwa kanjani na?"

Bathi, "Sibhaphathizwe kahle."

Wathi, "Kanjani na? Kukuphi na?

Bathi, "KokukaJohane."

Wathi, "Lokho ngeke kusebenze, ufanele udlule endlini yokushintshanisa imali phakathi kothengayo nothengisayo. UNkulunkulu usevele ulilungisile ibhange laKhe ukuba akhokhe lezizithembiso ngalo."

121 UPetru wathi ngoSuku lwePhentekoste, "Lezizithembiso ngesenu, nabantwana benu, nabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

122 Futhi ngenkathi behlangana, iZenzo 2:38, uNkulunkulu walihlonipha isheke, ledlula endlini yokushintshiselana imali phakathi kothengayo nothengisayo, futhi nanti libuya. Baqala ukukhuluma ngezilimi, futhi baprofetha, badumisa uNkulunkulu.

123 Futhi uNkulunkulu, lapho ikholwa lisayina igama lalo njengekholwa futhi ledlula endlini yokushintshiselana imali phakathi kothengayo nothengisayo kaNkulunkulu yePhentekoste ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, uNkulunkulu uzokhokha zonke izithembiso, nakho konke okunye. Ibhange lakhe lihle, izithembiso zaKhe zingezangempela.

124 Yonke into isayinwe eGameni likaJesu. Angeke kusayinwe ngenye indlela, angeke kusebenze, Akazi ziqu, Wazi iGama kuphela. Amen. Uyakukholwa lokho na? Impela, kunjalo. Yebo, mnumzane. IGama laKhe nje yiyonanto kuphela, Wa—Wathi, "Celani uBaba noma yini eGameni laMi." Manje, ungahambi ufake amagama amane noma amahlanu ehlukene lapho, Akazi lutho ngakho, isheke liyabuya, uzothola isimemo mbumbulu.

125 Kodwa noma nini lapho nidlula endlini yokushintshanisa imali phakathi kothengayo nothengisayo (Futhi uNkulunkulu

uzonazisa ukuthi ngabe kuza ngendlu yokushintshanisa imali phakathi kothengayo nothengisayo, noma qha, "Enikucelayo niyakuphiwa khona. Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini, celani enikuthandayo," uJohane 15, "niyakuphiwa khona." Kunjalo.), khona-ke unogcobo, khona-ke oMesiya, abakaMesiya, njalo, oMesiya abancane, isiphiwo esifanayo esasiphezu kwaKhe.

126 Walalela iZwi, futhi ngenkathi Efika ukugcwalisa iZwi, khona-ke uNkulunkulu, WayenguMesiya. WayenguMe-. . . WayenguJesu ngenkathi Ezalwa, kodwa ngenkathi uMoya oNgcwele ufika phezu kwaKhe emva kombhaphathizo waKhe, Wayegcotshwe nguNkulunkulu, uNkulunkulu wayekuYe, ngoba Ufikela ukugcwalisa iZwi.

127 Lapho uza kuleli-altare, woza lapha ukugcwalisa iZwi likaNkulunkulu esimemweni sakho sokuthi "noma ubani othandayo, makeze."

128 Ungezi usayina, "Awu, mina, Nkosi, uma Uzongiphulukisa kulesisisu esibuhlungu, ngikholwa ukuthi ngizobe-ke sengikhonza." Ungezi kanjalo. Woza, uMtshele ukuthi uyishinga, awulungile, ufuna ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele, futhi awulungile nhlobo. Awufanelwe lutho, ufanelwe ukufa, futhi uye esihogweni, kodwa ngoba Ukumemile ukuba uze: "Ngiyeza, Nkosi! Akukho lutho engiluletha ezingalweni zami, ngibambelela kalula esiphambanweni saKho." Nakho lapho okhona. Uzokuhlonipha lokho-ke. Kunechibi lamanzi esitezi esingaphansi ngqo. Bonani uma Engalinakekeli iZwi laKhe, Uyakwenza njalo, lapho Lidlula endlini yaKhe yokushintshanisa imali phakathi kothengayo nothengisayo, kodwa Lizofanele lize ngendlu yokushintshanisa imali phakathi kothengayo nothengisayo.

129 Lapho umuntu ethi uyamkholwa uJesu, uMamukela njengoMsindisi oqondene naye, uNkulunkulu uMnika ibhuku lesheke, noma yini afuna ukuyicela, futhi ekugcineni, uma nje ezosayina iGama likaJesu kulo, kodwa ungehleli lapho ungenaye omunye, ngoba ngeke kusebenze. Niyabo? Ufanele udlule endlini yokushintshanisa imali phakathi kothengayo nothengisayo yangempela yePhentekoste. Futhi lapho kwenzeka, khona-ke isheke lakho liyovunywa, nezithembiso zikaNkulunkulu, Uyakhokha njalo. Bonke abakaMesiya baKhe bemukela uphawu lwabo emuva.

130 Siphila ezinsukwini zokugcina, onyakeni wokuvala, uNyaka waseLawodikeya, omunye weminyaka yobumnyama kunayo yonke eseyake yabakhona kusukela ngeziKhathi zobuMnyama, unyaka wokuzenzisa kakhulu khona manje kunoma wawukhona ngaleyonkathi, babengenakho nhlobo ukuKhanya. Ukuhwalala yihora elikhohlisayo, noma ubani uyazi ekuhambeni, kungcono wehlise ijubane kancane lapho sekuhwalala. Ngabe kunjalo na?

Sizoba nesithunywa kulokhu ukuhwalala. Benikwazi lokho na? UNkulunkulu wakwethembisa oNyakeni waseLawodikeya.

131 Ngangifunda emiBhalweni ngoluny'usuku phezulu entabeni. Ngangifunda lapho, futhi ngi. . . uMoya oNgcwele wangitshela, yenyukela esihlahleni esithize futhi ume lapho, Wayefuna ukukhuluma nami. Ngama lapho ingxenye yehora, Akazange asho lutho. Ngacambalala phansi kwalesisihlahla som-oki, ngase ngicambalala, ngathi, "Nkosi, Ukhulume kimi cishe imayela phezulu lapha, futhi wathi yenyukela lapha entabeni lapha kuleNgoxi yoMdlali, njengoba ngangikubiza kanjalo, Uzokhuluma kimi."

132 Wayesengikhombisa-ke, ngenkathi Evula uMalaki, isahluko 4. Ngase ngithi. . . "Bheka luyeza usuku, eliyakuvutha njengeziko, lishise abazidlayo," uma ufuna ukukubhala phansi, uMalaki 4, futhi Wathi, "kuyoshisa abazidlayo. Na—nabalungileyo bayakuhamba phezu kwemilotha yababi." Awu, manje-ke, Wayesethi, "Bhekani, Ngiyathuma kini u-Eliya umprofethi lungakafiki usuku olukhulu nolwesabekayo lweNkosi. Kuyoba. . . Futhi uyophendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana, nabantwana kwezo—obaba, noma, izinhliziyo zabantwana kobaba."

Awu, ngathi, "Lokho bekuqinisile, ngiyakukholwa lokho."

133 UJesu wathi ngenkathi abafundi beMbuza lokho, bathi, "Awu, kungani wakwenza," ngenkathi Wayezisho ukuthi unguMesiya, bathi, "Basholoni ababhali ukuthi u-Eliyase umelwe ukufika kuqala na?"

134 UJesu wathi, "Usevele ufikile, futhi animazanga." Futhi khona-ke baqonda ukuthi Wakhuluma ngoJohane umBhaphathizi. Bangaki abake bakuzwa lokho na? Awu, he, nonke nifunda iBhayibheli. UJohane umBhaphathizi, kodwa khumbulani, lowo kwakungesuye u-Eliya Akhuluma ngaye, wezinsuku zokugcina, ngoba izwe alizange lishiswe futhi isikhathi seminyaka eyiNkulungwane singene.

135 Bhekisisani umBhalo, bhekisisani ukufundwa kwawo, phenyani kuMalaki 4 umzuzu nje, bhekisisani lapho. Ngangingakaze ngikwazi lokho ngaphambilini. Angizami neze ukukhuluma noma yini kuze kufike uMoya oNgcwele, kuqala, ukukwembula. Bhekisisani, uMalaki 4:5:

> *Bhekani, ngiyakuthuma kini u-Eliya umprofethi lungakafiki olukhulu. . . usuku lweNkosi:* (Lolo olukhulu, usuku olwesabekayo ukuthi Uyoshisa ngalo umhlaba.)
>
> *Uyakuphendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana, nezinhliziyo zabantwana koyise, . . .*

136 Bhekisisani, okokuqala u-Eliya efika, waphendula izinhliziyo zawobaba, abadala, obaba abangokhokho, niyabo,

emuva lapho, amaJuda amadala, ekukholweni kwabantwana ababesanda kuMemukela, futhi bakholwa nguMesiya ozayo. “Waphendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana, futhi,” isihlanganiso, ukubophela umusho ndawonye, “lapho Efika okwesibili, izinhliziyo zabantwana zibuyele kobaba bePhentekoste.” Haleluya! Nakho lapho okhona.

137 Ngakho ukuKhanya kwakusihlwa kungaba kanjani noma yini ngaphandle kokubuyela eZenzweni futhi na? Kunjalo. Ngenkathi Esho ngaphambi kokuba lolosuku lufike, oluyoshisa umhlaba njengeziko nabalungileyo bazohamba phezu kwemilotha yabo. O, mfowethu, sibheke ukuKhanya okuzayo, Kulapha.

138 Futhi khumbulani, nxa lo-Eliya efika, ngizoninika enye yencazelo yakhe, nxa u-Eliya efika, leso yisithunywa oNyakeni weBandla laseLawodikeya. Sithola u-Eliya eza ngaphambi . . . Khumbulani, u-Eliya kwaba nguye owenyuka ngenqola, akazange akuzwe ukufa, NoMlayezo walesisithunywa esikhulu esizofika ngalolusuku lokuvala oNyakeni weBandla laseLawodikeya, unyaka wePentecostal, kuzoba yiWo oyothatha iBandla uliyise oHlwithweni. Impela. Wahlwithwa yena uqobo, futhi uyofika neBandla oHlwithweni.

139 Futhi khumbulani futhi, ngizoninika ezinye zezincazelo zalendoda, iyoba ngozonda owesifazane. Impela uzokwenza, bukani, bukani ukuthi wayeyini ku-Eliya: uJezebeli; bukani uJohane: uHerodiya. Niyabo? Enye into, uyomelana ngokuqinile namahlelo, bukani u-Eliya, bukani uJohane, “Ningacabangi ukuba nithi phakathi kwenu, ‘Sino-Abrahama ongubaba wethu,’ uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe.” Uyozonda amahlelo, uyozonda abesifazane abanesimilo esibi, uyoba yindoda ehlane, ehlala ehlane, ephuma noMlayezo wakhe, futhi uyoletha izinhliziyo zabantu.

140 O, kubekhona o-Eliya abayikhulu abenyukayo ngezinsuku zokugcina. U-Alexander Dowie, nabaningi kakhulu ezweni namhlanje bethi bangu-Eliya, bangu-Eliya wosuku. U-Eliya uzobuyela eBandleni lePhentekoste lase-Efesu lasekuqaleni, futhi alethe lowoMlayezo ofanayo kubantu ngezibonakaliso zikaMesiya, iBhayibheli lasho njalo, Wathi, “Kuyofika usuku olungayikuba lusuku, kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya.” Ngabe kunjalo na?

141 Manje bukani, ilanga liphuma empumalanga. Manje, lolu lu . . . Wena uthi, “Lolu bekuwusuku ukuthi i . . . Singabantwana bosuku lweVangeli.” Lolu bekuwusuku lobumnyama kubantwana. INkanyezi yokusa kuphela imemezela ukufika ngaleyonkathi, ngokuphambene ngqo nalokho okuyikho ngempela, ngoba iNkanyezi yokusa eyaphuma emuva lapho, nanso iNkanyezi yokusa ehalalisa ukufika kwelanga, nenye ihalalisa ukuhamba kwelanga. Ilanga

lemvelo lase lihamba ngenkathi leyoNkanyezi ihalalisa elakhe, neVangeli lalingena nje. Singabantwana bokuKhanya, kodwa si . . . izwe lisebumnyameni manje.

142 IBandla ledlule onyakeni omnyama kunayo yonke, ledlula eziKhathini zoBumnyama, kodwa iNkanyezi yokuhlwa, iNkanyezi yokuhlwa yiyona ememezela ukuKhanya. INkanyezi yokuhlwa yiyo ehalalisa ukuKhanya eBandleni. IBandla beliphila nje engcosaneni ngesibalo, phansi nje le phansi, iqembu elincane nje. Kodwa, ekugcineni, usuku luzo, lelocilongo likaNkulunkulu liyokhala, futhi usuku luyokusa, Phakade. Ukusa kuyeza, futhi loMoya omkhulu owodwa kaNkulunkulu ozofika phezu komuntu othize ngalezizinsuku zokugcina, ozomemezela loMlayezo, uzobuyisela izinhliziyo zabantwana kobaba bePhentekoste.

143 Futhi yabhalwa kanjani iNcwadi yeZenzo na? Qala ukuyifunda. Bukani ukuthi sikungcolise kanjani ngazo zonke izinhlobo zezinto eziwubuwula ezingezethu uqobo, kodwa kuzobakhona ofikayo ngoluny'usuku, ukuKhanya, ngaphambi kokuphuma, lomnyango ovuliweyo obekwe phambi kweBandla, bhekisisani futhi nibone ukuthi aKufiki yini ngezinye zalezizinsuku. UNkulunkulu uzothumela u-Eliya, ngokuqinisekile nje njengoba ngimi kulelipulpiti Uyomthuma, nokuthi u-Eliya uzonyakazisa abantu babuyele ngqo eMfundisweni yePhentekoste yasekuqaleni.

144 Manje, qalani ePhentekoste, futhi nibone ukuthi kwakunjani, nibone ukuthi benzani, nibone uma kuzoba ukuxhawulana, futhi kuzobuyela emuva ngqo. Futhi ngenkathi uPetru eshumayela ngoSuku lwePhentekoste phezulu lapho, ngenkathi bonke sebegcwaliswe ngoMoya oNgcwele futhi bekhuluma ngezinye izilimi, lamadoda athi, "Manje, yini esingayenza ukuze siWuthole na?"

145 UPetru wathi, "Phendukani, yilowo nalowo nibhaphathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa iSiphiwo, uMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, labo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Lokho kwakungukuKhanya kwePhentekoste kwasekuqaleni.

146 Manje, leyo yiNkanyezi yokusa, neNkanyezi yakusihlwa izobonisa ukuKhanya okufanayo kubuye futhi. Uyomemeza ngephimbo ehlane likaMesiya osondelayo, uzokhombisa futhi—khombise izibonakaliso zikaMesiya ozayo. Uzoba ngumprofethi kaNkulunkulu, indoda enkulu. Futhi lapho efika, bhekisisani ukuthi uzokwenzani, iBhayibheli likhuluma ukuthi uyokwenza lokhu.

147 Futhi ngaphambi kokuba usuku lufike kuzofanele kube nesikhathi esingena eBandleni ukugcwalisa lokho uJesu akusho, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo

ekufikeni kweNdodana yomuntu." ISodoma, izwe lisesimweni saseSodoma, sonke siyakwazi lokho. Ngabe kunjalo, bandla na? Izwe lisesimweni saseSodoma.

148 Manje bhekisisani, nhloboni yomlayezo iSodoma elawemukela na? BabenoBilly Graham wesimodeni owehlayo futhi washumayela ezihlakaniphini. Abathi ababe babili nje bakhishwa, futhi babesehlazweni, futhi baletha ihlazo, nonkosikazi waphenduka insika kasawoti, ebuka emuva, manje qaphelani lokho.

149 INgelosi eyodwa yama qekelele no-Abrahama, iNgelosi eyahlala no-Abrahama, ingazi ukuthi wayengubani, kucatshangwa kanjalo, emva kokuba Ithe, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?"

Wathi, "Usethendeni emva kwakho."

150 IBhayibheli lathi kwakuse...wayesethendeni emva kweNgelosi. Futhi Wathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila. Ngakwethembisa leyongane, ngizoqinisekisa ukuthi uyayithola."

NoSara wahlekela ngaphakathi. Futhi ngenkathi ekwenza, iNgelosi yeNkosi yathi, "Uhlekeleni uSara na?"

151 Manje, Wathi lokho kuyokwenzeka *ngaphambi* kokufika kweNkosi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNkosi." Niyabona, bangane na? Kuzobonisa uhlobo olufanayo lokuKhanya iNkanyezi yokusa eyakubonakalisa. Futhi uzokwenzani na? Biza abantwana babuyele ekukholweni kobaba, obaba bePhentekoste.

152 UPawulu, uSila, uJohane, uMarku, u-Irenaeus, uMartin oNgcwele, uColumba, bonke labo, labo bafelukholo abakhulu abashumayela leliVangeli futhi babambelela kulo, bahlala nalo ngqo futhi wafuqelwa ngaphandle, ngenkathi esikhulu, isigejane sasendulo siqala ukufuna inhlangano. Niyaqaphela eBhayibhelini lapho Lathi, "Imisebenzi yamaNikolawu." Manje-ke yayiyini imisebenzi onyakeni webandla owodwa, iba yimfundiso. Niyazi ukuthi *nikao* kusho ukuthini na? Ngakubheka, *nikao* kusho "ukunqoba, ukwehlula." Ukwehlula ini na? Abantu abangafundele lutho.

153 Lapho bonke ubungcwele bungena komunye umuntu, umuntu othize nje yedwa, nguye kuphela ongcwele, futhi nguye, ibandla lingaphila noma ngayiphi indlela abayifunayo, lenze izivumo kuye. Hhe!

154 UMoya oNgcwele ungowalowo othandayo, abantu abangafundele lutho nabo bonke. Akusiyo yini intando kaNkulunkulu ukuba nje ube ngumuntu ongcwele, nguMoya oNgcwele phakathi kwabantu abazelwe ngokusha, bekhombisa izibonakaliso nezimanga, leloBandla elifanayo. LeyoNkanyezi

yakusihlwa izobonisa ukuKhanya okufanayo iNkanyezi yokusa eyakwenza.

155 Kodwa bukani, lapho sekufika kuyobakhona isikhathi, Wathi, "Akuyikubakho ubusuku noma imini," awukwazi ukukusho cishe impela, usuku olukhwantabele, njengoba besinalo, lina ezweni lakithi, olukhwantabele, "kodwa kusihlwa kuyakuba ngukuKhanya." UkuKhanya kwakusihlwa kuzofika.

156 Awu, ukukhanya kwakusihlwa, ilanga kusihlwa yilanga elifanayo eliphuma ekuseni. Ukukhanya kwakusihlwa kungukubonisa ukukhanya okufanayo ilanga elikubonise ekuseni, ngukushona nje kwelanga nokuphuma kwelanga. Niyakubona na? Manje, sisesikhathini sokuhlwa. O, makabongwe uNkulunkulu ngokuKhanya kwakusihlwa, mm, mm, ebonisa isithembiso saKhe, esigcwalisa!

157 Manje, izwe lisesimweni saseSodoma. O, amachwane aKhe okhozi! Ngifike lapha, lapho engashumayela khona ngalokho ngesinye isikhathi, iziNkanyiso zokusa, iNkanyezi yokusa, uMlayezo ofanayo. Sekube ngukuhlwa isikhathi eside manje, yisikhathi esikhwantabele, isikhathi esiyingozi kakhulu. Khumbulani, ukuhwalala yisikhathi esiyingozi kunazo zonke, uhamba, ufanele ubhekisise, futhi lolu wusuku oluyingozi kakhulu owake waphila kulo. IBhayibheli lasho kuMathewu 24 ukuthi, "Kuyofezeka ngezinsuku zokugcina ukuthi kuyodukisa nabakhethiweyo uma kungenzeka."

158 Ngezwa uBilly Graham esho ngolunye usuku emlayezweni, wathi, "OKhethiweyo usevele ukhohlisiwe."

159 Qhabo, qhabo, abaKhethiweyo abazukudukiswa. Qhabo, qhabo, bangeke, qhabo. Amalungu ebandla ayokwenza, kodwa hhayi abaKhethiweyo, Bakhethwa kusukela ekusekelweni kwezwe, Bangeke badukiswa, akunakwenzeka, kwasho amaHeberu 6, Abazukudukiswa.

160 Kodwa yisikhathi esiyingozi, futhi, okwe—kwe—kwebandla ngalesisikhathi sokuhlwa, ngoba lapho, bukani, ubunga. . . bazoya esontweni, futhi cishe impela bafane ncamashi namakholwa ePentecostal, wena uyo. . .bayomemeza, basine, bakhulume ngezilimi, nakho konke okunye, kusondele kakhulu ngangokuthi bekuyodukisa nabaKhethiweyo impela uma kungenzeka. Kodwa khumbulani, indlela kuphela lapho owaziyo khona ukuthi uqinisile ngukulandela isiDlulisi-gesi, iZwi, Kuveza iqiniso langempela, niyabo. Gcina isiDlulisi-gesi sivuliwe, gcwaliswa ngaSo nje. Yebo, mnumzane.

161 Manje, sithola ukuthi lelibandla laseLawodikeya, unyaka webandla esikuwo manje, uma ufuna ukukufunda, IZambulo isahluko 3, siyabona ukuthi hlobo luni. . .okwenziwe, okwenzekile ngenkathi loMlayezo ufanele uphume. Ibandla lalikade liyizwe kakhulu, futhi lazihlela, baze bahlela uNkulunkulu walo impela waphuma kulo.

162 UmBhalo odabukisa kakhulu engake ngawubona ngamaHeberu, e, yiSambulo isahluko 3, ngenkathi, oNyakeni weBandla laseLawodikeya, uJesu emi ngaphandle kwebandla laKhe uQobo, engqongqotha, ezama ukubuyela ngaphakathi. Ebandleni lokuqala Wayehamba phakathi kwezinti zezibani eziyisikhombisa zegolide, iminyaka yebandla, kodwa eLawodikeya Wayengaphandle, ezama ukubuyela ebandleni laKhe uQobo. Kukhombisa ukuthi lonyaka wenzeni kuYe.

163 BaMhlelile bamkhipha, bahlele iMfundiso yaKhe bayikhipha, bahlele iBhayibheli laKhe balikhipha, banencwadi yezivumokholo zamafilosofi, kanjalonjalo, ukuthi bayayifunda futhi bayemukele esikhundleni, ukuvuma okubandayo, esikhundleni sokuvumela uNkulunkulu angene futhi enze okaMesiya ngabo. Ebanikeze umbhaphathizo kaMoya oNgcwele futhi akhombise izibonakaliso nezimanga, bakuhlela konke kwaphuma, baMfuqela ngale eceleni.

164 Manje, Ungaphandle, enza ukunxusa kwaKhe kokugcina, ezama ukubuyela angene futhi emnyango, "Bheka Ngimi emnyango, ngingqongqotha," uNyaka weBandla laseLawodikeya, ezama ukubuyela ebandleni laKhe uQobo lapho abaMcindezela khona waphuma. Akudabukisi lokho na? Leyo yinto edabukisa kakhulu engingacabanga ngayo, ngaYe ebandleni laKhe uQobo, enikela ngokuphila kwaKhe ngenxa yalelobandla, futhi enza ngendlela Enza ngayo, futhi wathumela ukuKhanya ebandleni, futhi wathi Wakwenza, futhi baKwenqaba, futhi baMfuqela ngaphandle, wemukela uhlobo oluthize lwesivumokholo, noma into ethize ibandla elaliyenzile. Futhi Nango, emi ngaphandle ezama ukungena.

165 Manje, ake nje ngisho lokhu sengivala, ngoba isikhathi sesedlula kakhulu, ngineminye imiBhalo ethi ayibe ngamashumi amabili ebhalwe phansi lapha, kodwa ngeke ngifinyelele kuyo, ake ngisho lokhu: Niqaphelile na? Ngaphandle kwebandla (Nilalele na? Thanini, "Amen."), ngaphandle kwebandla, ezama ukungena, khumbulani, labo abangaphakathi ehlelweni abazange baMbone. Yilabo abangaphandle abaMbonayo. Bezwa ukungqongqotha, kodwa abakubonanga.

166 Kungaleyondlela namhlanje, umuntu ongeke, oyohambahamba namhlanje ethi, "Awu, angikaze ngibone lutho ngakho. Ngawelela lapho, angikaze ngikubone lokho." Niyabo, akakwazi ukukubona, uhleleke wonke waqina kakhulu angeke abone lutho. Kodwa uma nje ungake ukhululeke ngokwanele ukuba uphumele ngaphandle ukuba ubuke ukuthi uBani omi phandle lapho engqongqotha, ukubona ukuthi uBani owenza lezizinto! Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Phumani ngaphandle, ngaphandle.

167 Ungahleleki kakhulu, ngoba lapho wenza, ungeke ubone lutho, into kuphela ongayibona yihlelo lakho. Kodwa uma

ungaphumela ngaphandle, uyobona uJesu kuyo yonke inkazimulo yaKhe nesihawu saKhe, ezama ukungena kubantu baKhe. O, ngiMbuka emi lapho!

168 Bengikhuluma ngoMesiya, uMesiya, abakaMesiya, bangukuKhanya kwebandla namhlanje, ukuKhanya kwezwe. UJesu wathi kubafundi, "Nina ningukuKhanya kwezwe." Manje, uyikhandlela elihlezi egqumeni, lokho, ukuKhanya okungabonwa ndawo zonke. SingukuKhanya. Uma sinjalo, sibonakalisa ukuKhanya kwaKhe kukaMesiya. Isibonakaliso sikaMesiya silandela a—abakaMesiya ngokufanayo njengoba salandela uMesiya.

169 Lapha esikhathini esithile esedlule, ibandla lakho elithandekayo lapha, ngikholwa ukuthi ngashumayela ngendaba lapha *NjengoKhozi Luhlakaza Isidleke Salo, Lubhakuza Phezu Kwamazinyane ALo*. Ngikholwa ukuthi ngishumayele ngalokho ezansi lapha, Mfowethu Jack, noma ndawondawo. [UMfowethu Jack uthi, "Iminyaka eyishumi nambili edlule."—Umhl.] Yebo. *Ukhozi Luhlakaza Isidleke Salo*.

170 Ngiyathanda ukubuka ukhozi olukhulu. Niyazi ukuthini? Baba. . .yazi, uNkulunkulu wazibiza Yena uqobo ngoKhozi. Benikwazi lokho na? Wabiza abaprofethi baKhe ngezinkozi. Impela, Wakwenza. Watshela okwakhe. . .ukuthi. . .Lolukhozi, uJakobe, Wamthola kulokhu, ehlane eliklabalasayo, futhi njengokhozi lunyakazisa isidleke salo. . .Manje, sithola ukuthi uzibiza Yena uqobo ngo*Khozi*, futhi, ngakho UnguJehova-Khozi. Futhi khona-ke Unesigejane samachwane okhozi, *amachwane okhozi*, njengabakaMesiya, amachwane okhozi.

171 Manje, sengiyambona ubaba khozi omkhulu njengoba ehambahamba phezu kwesidleke. Uyathanda ukubuka abantwana bakhe. O, he, ukuthanda kanjani ukubabuka! Babukeka kanjani na? Kubukeka njengoba enza nje. Abasibo ababhasteliwe, abasibo abawuklebe uhhafu, negwababa uhhafu, nenye into ethize, bayizinkozi. Amen.

172 Yilokho esiyikho namhlanje, singamaMethodisti, amaBaptisti, nama-Assemblies, no*S'bani-bani*, no*S'bani-bani*, oklebe, amagwababa, nakho konke okunye, singaba kanjani amachwane okhozi na? Singakwenza kanjani, lapho sibona isibonakaliso sikaNkulunkulu sihamba phakathi kwethu, futhi sikubize ngenye into na? Haleluya!

173 Liyathanda, ngoba liyazi ukuthi angawohlobo ngempela. Anjalo, anenyama yakhe, anegazi lakhe, anomoya wakhe. Amen. Ukuthi uziqhenya kanjani phezu kwamachwane akhe okhozi, ehambahamba! Amen.

174 Izinkozi ezincane ziyambheka, futhi zithi, "Umkhulu kangaka, umkhulu kangaka!" Ngibuke mina, o, he! "Sizondiza ngolunye lwalezizinsuku, asinjalo yini, Baba?" Niyabo? O,

uthanda kanjani ukuzibuka! Zibukeka njengaye, zenza njengaye, ziyinyama yakhe, igazi lakhe, umoya wakhe. Amen.

175 Lingaleyondlela iBandla likaNkulunkulu, amachwana oKhozi aKhe, abakaMesiya baKhe, babukeka njengaYe, benza njengaYe, bashumayela njengaYe, benza imisebenzi Ayenzayo. "Izinto engizenzayo Mina naye uyakuzenza; okungaphezu kwalokhu uyakukwenza, ngoba Ngiya kuBaba." Amen. "Lezizibonakaliso *ziya*kulandela amachwane aMi okhozi." Amen. "Bayokwenza njengoba nje ngenza. Uma uMoya waMi ukubo, khona-ke bayokwenza imisebenzi eNgiyenzayo, uma bengayenzi imisebenzi eNgiyenzayo, lokho kungenxa yokuthi uMoya waMi awukho kubo."

176 Ukuba-ke ubebheke phansi, olunye lwalezozinkozi ezincane, futhi into yokuqala niyazi lwalunomlomo njengoklebe na? Ubeyothi, "Manje, awume kancane lapha, kukhona okungalungile!"

177 Igwababa elidala lagxumela esidlekeni, liqala ukuthi, "*Klwe*, *klwe*, *klwe*! Izinsuku zezimangaliso selwedlule. *Klwe*, *klwe*, *klwe*! Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu."

Ha! Ngiyafunga Ubeyovele athathe isidladla sakhe esikhulu bese elixosha ngqo, futhi ubeyophula intamo yalo, niyabo, impela njengezwe. Niyabo? Yebo.

"O, akukho. . .Lokho ngukufunda ingqondo, ayikho into enjengalezozinto kulezizinsuku."

Wena klebe wenyama! Naleyo yinyama efile, futhi. Yilokho i. . .

178 UNkulunkulu ufuna amachwane okhozi, Ufuna abakaMesiya, Ufuna abesilisa nabesifazane abanezibonakaliso nezimanga, abagcotshiweyo, Ufuna iBandla eligcwaliswe ngoMoya oNgcwele. *Shuu*! He! IBandla liMbonakalisa enguye izolo, namuhla, naphakade! UNkulunkulu akafanga, Wavele nje wazalwa enguMbuso, waba nabakaMesiya baKhe kuWo. Amen. Lonke iZwi Alishoyo, bathi, "Amen," kulo. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Babukeka njengaYe, benza njengaYe, bayakukholwa, wathola isiDlulisi-gesi siqhubeka ngqo siphuma nezibonakaliso nezimanga zilandela; lowo nguMesiya. UMesiya uyaphila kulobubusuku, Akafile, Uyaphila kuze kube phakade. Uyakukholwa lokho na? Wathi kuyoba yini na?

> Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa,
> Indlela eya eNkazimulweni impela niyoyifumana; (Kunjalo na?)
> Kuleyondlela yamanzi, ngukuKhanya namhlanje,
> Wambelwa eGameni eliligugu likaJesu.
> Abancane nabadala, phendukani kuso sonke isono senu,

UMoya oNgcwele impela uzongena;
IziNkanyiso zakusihlwa sezifikile.
Kuyiqiniso ukuthi uNkulunkulu noKristu baMunye.

179 Umuntu wenziwa ukuba abe ngunkulunkulu, uNkulunkulu wenziwa ukuba abe ngumuntu. O, uMesiya! UJehova omkhulu wahlala emzimbeni womuntu, Wenza lowomzimba njengowaKhe ukuze Abe ngumzimba womuntu, uMesiya, ukubusa umhlaba waKhe futhi awulawule. Amen. “Imisebenzi engiyenzayo Mina, nabo bayoyenza.” O, ngiyakuthanda lokho!

180 UJehova uya emuva naphambili phezu kwesihlalo saKhe sobukhosi, uthi, “Bona bangamachwane okhozi aMi. Ba—bayinyama yenyama yaMi, nethambo lethambo laMi, bazalwa nguMoya waMi, futhi bagezwa eGazini laMi.” Amen. “BangabaMi, bangabaMi. Noma yini eNgibatshela yona, bayayikholwa. Ngani na? Bayizinkozi. Yilokho abayikho, bayizinkozi, ngokufanayo nje njengoba Ngiwukhozi. Ba—bangonkulunkulu abancane, lapho eNginguNkulunkulu omkhulu khona. Kunjalo. NginguJehova-Baba, bangabantwana baMi.” Nakho lapho okhona. Ngakho Wethembisa lezizinto ukuthi zizokwenzeka.

181 Manje, uma singabantwana boMbuso waKhe, lezozibonakaliso zifanele zizazise phakathi kwethu. Ngabe kunjalo na? Manje, singakhuluma ngakho, futhi sikhulume ngakho, futhi sihlale ubusuku bonke kukho, kodwa ngabe kuzosebenza na? Leyo yinto elandelayo, leyo yinto elandelayo. Uma kusebenza, khona-ke kuyiqiniso. IZwi likaNkulunkulu lethenjiswa kuJohane oNgcwele 14:12, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina, naye uyakuyenza.” Ngabe kunjalo na? Ngiyakukholwa lokho, anikukholwa na? Kulungile, asikhothamise nje amakhanda ethu umzuzwana khona-ke.

182 Baba Nkulunkulu, ihora lesikhathi selifikile. Siyaqonda ukuthi ayikho indlela kithi yoku—yokuthola noma yini, akukho ndawo esingaya kuyo manje, kodwa kuphela kuJesu. Si—sisesikhathini sokuphela, sibona zonke lezizinto zenzeka: sibona isizwe sakithi nje sisekuphelelweni yimali, sibona izwe lethu—lethu lisekuphelelweni yimali, sibona ubukhomanisi bushanela bungena, umoya ongamesabi uNkulunkulu obizwa *ngekhethini lensimbi*, sibona elilodwa likhuphuka ngaleya eShayina elibizwa nge*khethini loqalo*, khona-ke sibona elilodwa liphakama elibizwa nge*khethini elibubende*, ikhethini lamaRoma, lengamela izwe.

183 Manje, Baba Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzosenza sikhumbule lokhu, ukuthi lezizinto ziyizithembiso zaKho, wasithembisa lezizinto ngesikhathi sokuhlwa. Sijabula kakhulu ukuKubona wenza iZwi laKho ligcwaliseke ezimpilweni zethu. Siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobangela ukulamba

nokoma. Manje, lamazwi ambalwa anqunyiwe futhi ahlelwa, ngikhulekela ukuthi Uzowenza aziwe ezinhliziyweni zabantu, ukuthi bazoqonda ukuthi uNkulunkulu ungamandla, Unga*mandla*.

184 UKristu wayengukuGcwala kukaNkulunkulu, WayenguJehova ogcotshiwe, Wayengumzimba ogcotshwe nguJehova, uJesu waseNazaretha. UNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo, futhi Wafa ukuze Angcwelise laba isintu esiwileyo, futhi ababuyisele emadodaneni kaNkulunkulu futhi, ukuba babe ngabagcotshiweyo, abagcotshwe ngoMoya oNgcwele ukuba baphume babonise uMbuso waKhe aze Abuye indlela yonke eminyakeni yebandla eyisikhombisa. Futhi onyakeni wokugcina, siMthola engaphandle kwebandla laKhe uQobo, ezama ukubuyela angene.

185 Kodwa Wethembisa ukuthi Uyothumela ukuKhanya ngalolosuku, futhi siKutholile, Nkosi. Sikutholile, futhi siyabona ukuthi KuyisiDlulisi-gesi esifanele, ngoba sihhuke iZwi esilikholwa noNkulunkulu waseZulwini Owalethembisa, futhi sithole ukuthi amandla kagesi enza izibonakaliso zokuqala abuya ngqo futhi bese enza izibonakaliso ezifanayo zobuMesiya. Manje-ke, Baba, siyazi ukuthi iZwi, esilibiza ngesiDlulisi-gesi, liqinisile, ngoba Liveza zonke izithembiso. SiyaKubonga ngaKho, Baba.

186 Sikhulekela ukuthi Uzosindisa o—ongasindisiwe, uphulukise abagulayo, ugcwalise ngoMoya oNgcwele labo abaWufisayo, futhi ukhuthaze iBandla laKho. Ngenkathi sisaqhubeka nokulinda Wena, Nkosi, enkonzweni yokuphulukisa, sinikela lababantu nabo bonke kuWe, eGameni likaJesu. Amen.

187 Kuyini manje na? Ngibhekisisa iwashi elikhulu, futhi angifuni ukunihlalisa isikhathi eside kakhulu, sifanele siqale kuse-eli ekuseni, futhi. Wethembisani na? Wethembisa ukuthi kusihlwa kuyobakhona ukuKhanya. Wethembisa . . . Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini lapho ngithi *abakaMesiya* na? Phakamisa isandla sakho uma ukwenza. Uma u*Mesiya* kuchaza ukuthi "ogcotshiwe," futhi WayenguMesiya ngoba Wayegcotshwe ngokuGcwala kukaNkulunkulu, khona-ke sigcotshiwe, futhi, ngoMoya ofanayo.

Manje, wena uthi, "Uma . . . Wazi kanjani ukuthi ugcotshwe ngoMoya ofanayo na?"

188 Awu, ukuPhila okufanayo, izinto ezifanayo Azenza, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo, naye uyakuyenza, futhi." Wathini kuJohane oNgcwele 5:19 na? "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo." Noma yimuphi uMesiya oqinisileyo ubeyoba noMlayezo ofanayo. Ngabe kunjalo na?

189 Futhi khumbulani, kwakungubani owamukela umbhaphathizo kuqala, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na? amaJuda. Ubani olandelayo na? AmaSamariya. Owokugcina kwaba ngabeZizwe. Ngabe kunjalo na? Ngoba bangeniswa emva kokufa, ukumbelwa, nokuvuka. Futhi abazange . . . Manje, bemukela uMlayezo kahle.

190 Manje qaphelani, abantu bakaHamu, uShemi, noJafete, manje, abantu bakaHamu nabantu bakaJafete wayezobona i . . . Lokho yizizwe zomhlaba, izizwe ezintathu zomhlaba. Manje, siyabona ukuthi amaJuda emukela isibonakaliso sikaMesiya ngoJesu, amaSamariya asemukela ngoJesu. Kodwa manje, izinsuku zokugcina . . .

191 Manje, abeZizwe abazange, ngoba babengabheke Mesiya. Sasingabahedeni ngalezozinsuku, abantu bakithi, ama-Anglo-Saxon, sasingabahedeni, sasikhonza izithombe. AbakwaMowabi, nanoma yini enye, ama-Amori kanjalonjalo, lowo—lowo kwakungabantu bakithi.

192 Manje, kodwa manje iminyaka eyizinkulungwane ezimbili besibheke uMesiya. Manje, Wazazisa kanjani Yena uqobo emuva lapho na? Ngokuthumela uJesu nokuMgcoba ngoMoya waKhe uQobo, noJesu wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa.” Kunjalo na? “Uma Ngenza imisebenzi, kholwani yimisebenzi.”

193 Manje, ngoba ngani na? Akazange axhumane nezinhlangano zabo, amahlelo abo, Wama wehluka kubo bonke, wabathethisa, futhi bathi Wadabula amabandla, nakho konke. Ubungalindela uMoya waKhe ukuba wenze noma yini engaphansi lapho Efika futhi na? Uyokwenza into efanayo, ngoba Ungeke waguquka, UnguNkulunkulu.

194 Singaguquka, ubuntu bethu bungaguquka, kodwa uNkulunkulu angeke aguquke, Uzofanele afane. Yena ungongenasiphelo, thina sinesiphelo, ngakho Angeguquke. Ngakho nxa Efika phezu kweBandla laKhe ngezinsuku zokugcina, Lizoba yini na? Abadonselwe ngaphandle, iqembu labantu eligcotshwe ngoMoya kaNkulunkulu, bayoba ngababakaMesiya, niyabo, bayoba ngabagcotshiweyo. Futhi uma uMoya waKhe ukubo, bayokwenza izinto Azenza, impela nje. Lokho akunjalo—akunjalo na?

195 Khona-ke uma uthi . . . Uma ungathatha lokho, futhi uxhume iZwi nesiphehli-gesi, khona-ke uma isiphehl- . . . bese kuthi-ke uma amandla kagesi ebuya ethi kulungile, uxhumile; uma ukuphakamisa lapho futhi kungenzeki lutho, unesivimbeli-gesi ndawondawo, unolayini ogqashukile ndawondawo. Niyabo? Kodwa kuphakamise kuncikane nesiphehli-gesi, uma amandla kagesi eza, khona-ke unesidlulisi-gesi esiqondile, unesidlulisi-gesi.

196 Futhi uma nifuna ukukholwa ukuthi kunjalo, ngizonitshela ukuthi ngakwemukela kanjani, ngiza ngendlela nje iBhayibheli elasho ngayo. Angizange ngihluke nganoma yiliphi ihlelo, ibandla lami uqobo leBaptisti langikhipha ngoba ngangingeke ngigcobe umshumayeli wesifazane. Akusikho ngokomBhalo, futhi akulungile, futhi ngathi, "Usungavele ungikhiphe, ngoba uzofanele masinya noma kamuva, ngakho ngizovele ngiphume ngaphambi kokuba ukwenze." Kulungile.

197 Futhi-ke ngi...Bese kuthi-ke lapho sekufika enqwabeni yalezizinto namhlanje, mina, ngenkathi ngisengumfana nje, ngaphambi kokuba ngize ngizwe nge-Oneness, iTwoness, oNkulunkulu abathathu, oNkulunkulu abane, noma ngabe banani, ngangikholwa ukuthi kwakukhona uNkulunkulu oyedwa, futhi ngangikholwa ukuthi iGama laKhe lalinguJesu. Futhi ngabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu ngumshumayeli weMissionary Baptisti, ngoba ngamcela ukuba akwenze. Ngikushumayelile kusukela lapho.

198 Akukho-mBhalo eBhayibhelini, ngiletheleni umBhalo owodwa lapho khona noma ubani ake abhaphathizwa kunoma yimuphi omunye, ngikhombise indawo eyodwa eBhayibhelini lapho khona noma ubani ake abhaphathizwa esebenzisa *iziqu* zikaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Noma funda umlando futhi ungitshele, kwaze kwathi ibandla eliKatolika lahlelwa, noma ubani owake wabhaphathizwa egameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, khona-ke ngizophuma epulpiti.

199 Kuyisivumokholo seKatolika, futhi wonke owesilisa noma owesifazane obhaphathizwe ngaleyondlela akabhaphathizelwe eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, babhaphathizelwe ebandleni eliKatolika, leso yisivumokholo sabo. Ngikhombise emiBhalweni, ngikhombise ngomlando, noma yini engaphandle kwebandla eliKatolika eyake yakwenza.

200 Futhi uLuther wakukhipha, noWesley emva kwakhe, nakhu sehlela kulokhu. Ngalinye lalawomabandla, kwehlele kulesosikhathi athi, "Awuliphikanga iGama laMi," kodwa ngenkathi kuphuma phezu kwalowoNyaka weBandla laseThiyathira, Wathi, "Unegama, u*ne*gama lokuthi uyaphila, kodwa ufile." Yilokho-ke.

201 Angiqondile ukuthi umbhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu uyakusindisa, kodwa lowo ngumbhaphathizo wamaKristu ofanele, usindiswa ngokukholwa, kunjalo, ngoKristu. Kunjalo. Kodwa lowo ngumbhaphathizo ofanele, yileyondlela eni*ya*kubhaphathizwa ngayo, kunjalo impela, indlela *ofanele* ube ngayo, ukugcina ngokohlelo lweBhayibheli, ufanele ubhaphathizwe ngaleyondlela.

202 Bese kuthi-ke lapho sewemukele uMoya oNgcwele, namandla kaNkulunkulu efika phezu kwakho, khona-ke uyokwenza zona impela izinto ezifanayo uJesu azenza, ngoba

nguMoya waKhe kuwe. Uma ungekho, kukhona okungalungile. Kunjalo. O, udumo! Ngizizwa sengathi ngingacishe impela ngikhulume ngezilimi manje, mina uqobo.

203 Niyazi, okokuqala ukuba ngike ngikhulume ngezilimi ngangisebandleni leBaptisti, ngishumayela. Ngangimi phezulu emsamo ngishumayela ngamandla ami onke, futhi ngagxuma ngayothi ngqu maphakathi nesikhala sezihlalo, futhi ngasho amazwi athile ngezilimi ezingaziwa, ngingazi ukuthi ngitheni, ngaqalaza, futhi lonke ibandla lelula izintamo zalo futhi laqalaza. Futhi manje, *Into ethize* yasho emuva ngami, "Ngiyi—yihlan-. . .iDwala ezweni eliyethileyo, uMpheme ngesikhathi sesiphepho." Futhi okokuqala ukuba ngikhulume ngezilimi.

204 Futhi, he, ngangazi ukuthi kwakukhona into ethize yangempela ngakho ndawondawo, ngangingazi, kodwa ngaqhubeka ngaze ngayithola, ngaqhubeka nje ngihamba, ngathengisa konke, yonke into, futhi ngathenga leloParele elikhulu. He, angikhathali, uma iBhayibheli lithi, ngi—ngiyaLikholwa, angikhathali ukuthi zingaki izinhlangano, bangaki abasho *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, LiyiZwi likaNkulunkulu, futhi Liyiqiniso, futhi ngihlala naLo ngqo, yilokho kuphela. Futhi indlela kuphela oyoke ukwenze ngayo, ngukuhlala iZwi neZwi neBhayibheli.

205 Ngangishumayela ngobunye ubusuku ngalezozidalwa ezine eziphilayo, ngizama uku. . .Futhi zazi, zazingesizo izilo, ngoba amazwi phakathi, ayizidalwa eziphilayo, kumaHeberu, e, eSambulweni, isahluko 4, i—igama elihunyushwe ngokuthi *zoon*, z-o-o-n, okusho ukuthi "izidalwa eziphilayo." ESambulweni 11 neSambulo 17 lelo ngelinye igama ngokuphelele, futhi kusho i—kuchaza "isilwane sasendle esingafundisiwe," kodwa lesi kwakuyizidalwa eziphilayo.

206 Ezaziyikho, zazingamaKherubi, njengoba kwakunjalo esangweni, ziqapha indawo engcwele. Siyazibona kuHezekeli isahluko 1, ngenkathi ukuKhanya okuphuzi kukaNkulunkulu, nothingo lwenkosazana lwalulapho, nenkazimulo kaNkulunkulu. Okungukuthi sinesithombe saKho, indlela efanayo abaKubona ngayo lapho, saba nesithombe saKho esithathiwe. Futhi Kwakulapho-ke, khona esakhiweni, kwathathwa isithombe sokuKhanya, kunjalo, ngayo impela nje indlela uHezekeli aKubona ngayo, uHezekeli 1:26 kuya kwelama 28, nginikhombisa isithombe saKho njengoba nje ebonile, inkazimulo kaNkulunkulu.

207 Manje, niyabo, leloso lekhamera ngezinye izikhathi lingabona into iso lomuntu elingayiboni. Kunjalo. AKubonile lapho umuntu engaKuboni. Kodwa nje sivele sibange umsindo wenjini kakhulu, imishini yethu yokukala ukukhanya, lapho bebefanele babe yimishini yokukala ukuKhanya engcwele, babanga umsindo wenjini kakhulu ngobuwula, namahlelo,

nezinto, asikwazi ukubona kude kunekhala lethu, noma okuthize-. . . kanjalo, asiziboni lezozinto phandle lapho.

208 NoMoya oNgcwele ulapha namhlanje, Unguye nje izolo, namuhla, naphakade, aMandla afanayo, izibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo, uNkulunkulu ofanayo, umbhaphathizo ofanayo, uMoya oNgcwele ofanayo, into efanayo, yonke into iyafana, ngoba Angeguquke. Amen.

Kulungile. Manje, ngikholwa ukuthi ushilo, nikeze amakhadi omkhuleko o A. Ngabe kunjalo na? Ikhadi lomkhuleko. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

209 Niyakukholwa laphaya, bandla na? Lelosheke lifanele lisayindwe kahle, kungenjalo bazolibuyisela emuva. Ngokusobala, hhayi ukuqagela, kodwa ngempela wazi ukuthi ku—kuyini. Manje, kugcwalise. Futhi manje, Usevele. . .

Manje, ake sithathe umuntu ogulayo. Omunye phakamisa isandla sakho ogulayo. Lokho yi—lokho yi. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

210 . . . akaze abeke unyawo kulomhlaba iBandla lize lihambe. Bangaki okwaziyo lokho na? "Thina esi, esisekhona sisasele asiyikubandulela noma sibavimbele abaleleyo. ICilongo likaNkulunkulu liyokhala, siyovuka, sihlwithwe ukuMhlangabeza emoyeni." Kunjalo. Khona-ke Uyabuya ukuba Azazise uku—uku—uku. . . njengoJosefa enza kubafowabo, izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, kodwa iBandla liyahlwithwa, futhi selingenile. Khumbulani, ngenkathi uJosefa ezazisa kubafowabo, umkakhe nabo bonke wayesesigodlweni, kungekho abeZizwe ngapha nangapha, Wabakhipha bonke.

211 Futhi ngakho banjalo, unyaka webandla uyaphuma esahlukweni 3, uJohane wahlwithwa, emele iBandla. Futhi kusukela lapho kuya kwele 19, Akanjalo, noma, akaphinde abonakale aze Afike, ashade noMyeni waKhe. Manje, ngukuhamba kwamaJuda kusukela kwelesi 4 kuqhubeke kungene, umphumela wamaJuda.

212 Manje, uma uKristu efika futhi aZibonakalise ephila kulobubusuku. . . Manje, uma ngishilo kahle, uma ngishilo kahle ukuthi WayenguMesiya, namakholwa, lokho kusho ukuthi Ungo "Gcotshiweyo," futhi sinogcobo lwaKhe, ugcobo olufanayo aluyukwenza into efanayo isikhathi ngasinye na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ?. . .

213 Ngiyanithanda. Bafowethu, ku—kuzoba leyithi kakhulu ukukhuluma kini kanjalo ekwaHlulelweni, lapho nishiywa, ngifuna nilungele. Si—si. . . Angazi ukuthi Uzofika nini, kodwa uma Efika kulobubusuku, ngifuna ukulungela, uma Engafiki kuze kube yiviki elizayo, ngifuna ukulungela-ke. Ngakho ngifuna ukulungela lapho. . . Uma ngilala, lokho ngeke kungivimbe, ngizovuka, noma kanjani, niyabo. Kodwa

ngenkathi ngiselapha ngifuna lonke i-awunsi lami libale kuYena, futhi ngi—ngifuna elakho lenze lokho, futhi.

214 Manje, lelinenekazi lapha, angilazi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .yenza into efanayo neyenziwa eSodoma. Bangaki okukholwayo lokho manje ngayo yonke inhliziyo yakho na? Kulungile. Manje, ngiyakholwa . . .

215 Manje, khumbulani, ukuze ningatholi ingxenye yomuntu kukho, uNkulunkulu usebenza kuphela ngomuntu. Bangaki okwaziyo lokho na? Umuntu ungokaNkulunkulu . . . Yingalesosizathu uJesu wayenguNkulunkulu. Lokho ngukuthi, uNkulunkulu waye, wasebenza ngoMuntu (Ngabe kunjalo na?), ebuyisana nezwe kuYe uqobo. Manje, WayenguMesiya, khona-ke wena nami siba ngabakaMesiya, noma oMesiya abancane, ngoba sigcotshwe ngoMoya ofanayo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

216 . . .imfundo yasesikoleni yokufundwa nokubhalwa kolimi, futhi angazi lutho. Into kuphela engiyaziyo, ngisindisiwe, yilokho bonke abakwaziyo. Ngiyazi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, UnguMsindisi wami. NgiyaMkholwa. Ngikholwa ukuthi WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. Ngikholwa ukuthi Wafa, wavuka futhi, futhi ubuya ngesimo sikaMoya oNgcwele ukugcoba iBandla. Ngikholwa ukuthi lonke iZwi laleloBhayibheli liyiqiniso. Nkulunkulu, nginike ukukholwa ukuba ngikwenze kuphendule. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

217 . . .Ngikubonile kwenzeka selokhu nginishiye nonke, ngapha nje, mhlawumbe amashumi amabili, izingcingo ezingamashumi amathathu ngosuku ezindaweni ezehlukene, nalapho ekhaya. Bekuyokwenza ezinye izincwadi ezinhle kakhulu, impela bekuyokwenza. Kodwa asisho lutho ngakho, manje nje bese kuthi-ke eBandleni. Asikusakazi, uJesu wathi, "Ningatsheli-muntu." Niyabo? Lokhu kungokweBandla, kungokwamakholwa. Niyabo?

218 Manje wena, uma uyikholwa, manje uyabona uma uMoya oNgcwele uzonyakaza. Futhi uma Uzonyakaza, bangaki kini abazokholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? Uma Uzokwenza yona impela into efanayo Owayenzayo ngenkathi UkuMuntu othiwa nguJesu waseNazaretha, uzokholwa ukuthi—ukuthi abakaMesiya uyiqiniso na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

219 . . .mfowethu, kodwa NguMoya waKhe, ngiyisoni, kodwa NguMoya waKhe azofanele asebenze ngawo ndawondawo, Ufanele abe nomuntu othize azosebenza ngaye. Niyabo?

220 U-Eliya wayengumuntu onjengathi ngokudabuka. Ngabe kunjalo na? Wayenokwehla nokwenyuka kwakhe, ulaka lwakhe lwenyuka, nentukuthelo yakhe, wayenjengoba nganginjalo nje, noma ninjalo. Kodwa wakhuleka eqinisela, wayengumprofethi, wakhuleka eqinisela futhi wavala amazulu, wahamba

wenyuka ngqo, wayesethi, "Imvula noma amazolo akuzukuna ngize ngikubize." Wayenempendulo. Yingalesosizathu ngimi lapha kulobubusuku phambi kwalona wesifazane. UNkulunkulu wethembisa, futhi ngiyamkholwa uNkulunkulu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

221 . . . bonwa embonweni. Bangaki abangizwa ngixoxa lokho ngaphambi kokuba ngisho ngiye eFinland na? Bukani lapha ezandleni. UMfowethu Jack wayemi khona lapho ngenkathi kwenzeka. Umfana omncane wabulawa impela nje, kwakungenjalo na? Ngayo impela nje indlela esabhala ngayo phansi ephepheni elingenalutho leBhayibheli lethu, lapho ebuyela ekuphileni, umoya omncane waphuma, izwe labafileyo, uNkulunkulu wakubiza ukuba kubuye.

222 Niyabo, amandla engqondo omuntu ongachachambisa ingilazi, isoni senziwa sibe yilokho, vumela uNkulunkulu angene lapho, angabuyela emuva, abuyise abafileyo. Niyabo? Yisithembiso saKhe. Kuqala, uthola intando kaNkulunkulu, bese uyayenza.

223 Awu, wena uthi, "Akusiyo intando kaNkulunkulu kukho konke . . . " Kuyintando kaNkulunkulu, sesivele sikubonile kwenziwa. Ngikubonile kwenziwa cishe izikhathi ezinhlanu ezehlukene, futhi ngiyazi ukuthi kuyiqiniso.

224 Manje, nansi into efanayo ngendlela eyimfundamakhwela njengoba kwenza uJesu, ekhuluma kowesifazane. Kuthangi bekukhona indoda enyukela endlini yami, futhi yama lapho, futhi yathi, ngaqala ukuphuma ngesango, bengizoyithumela ngale ehhovisi kuMfowethu Mercier, nabo, yathi, "Mfowethu Branham?"

Ngathi, "Yebo."

Yathi, "Ungangisiza na?"

225 Ngathi, "Awu, uma uzohamba . . . " Ne*Nto ethize* yathi, "Yingenise endlini." Yathi nje ingahlala phansi, ngathi, "Ungangitsheli ukuthi ungubani, ngizokutshela." Ngaqala kanjalo, futhi ngayitshela konke, uMoya oNgcwele uqala ukwembula kimi konke okwempilo yayo.

Yathi, "Kunjalo. Kunjalo." Yathi, "Mnumzane, kunjalo."

226 Futhi ngathi, "Okwakho . . . Awuhlali lapha, uhlala eMadison, ubusezansi e-Evansville, e-Indiana, futhi ungene esigejaneni senkoloze ezansi lapho, ubungenjalo na?"

"Yebo."

"Isikole seBhayibheli, ubucabanga ukuthi bekuyiso."

Yathi, "Awu bakithi, ndoda! Ukwazi kanjani lokho na?" Futhi ngakho, ngenkathi si . . . yaphuma, yathi, "Awusho, angikuqondi lokho."

Futhi ngathi, "Wake waba kweminye yemihlangano yami na?"

227 Yathi, "Angikaze ngilazi igama lakho kwaze kwaba nje cishe ayisihlanu, cishe imizuzu engamashumi amabili-nanhlanu edlule. Enye indoda yangitshela ngenkathi ngidlula eLouisville, ukuba ngize ngapha, indoda egama linguMnu. Sandy." Yathi, "Angikaze ngilazi igama lakho."

Ngathi, "Awu, awu, leyo yinkonzo yami."

Yathi, "Uma ngikuqonda kahle, uJesu wayekhuluma nabafundi baKhe futhi ekwazi okwakusenhliziyweni yabo."

"Kunjalo."

Yathi, "Khona-ke lowo nguNkulunkulu ekhuluma ngawe kimi."

Ngathi, "Mfana, wazi kakhulu ngakho kunenqwaba yabo elandele imihlangano isikhathi eside." Kunjalo.

Yathi, "Awu, akabongwe uNkulunkulu, konke sekuphelile manje-ke!" Nakho lapho okhona.

Umfana usanda kundiza nje evela eNgilandi, into efanayo. Manje, nakhu-ke, kuqala etabernakele. Lokhu cishe sekuyiminyaka engamashumi amane-nesishiyagalombili yakho.

UnguNkulunkulu, Akasuye, Dadewethu na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

228 . . . umuntu osekhulile, omdala, inenekazi elidala ngempela. Ngumama wakho. Unokuthile okungalungile endlebeni yakhe, futhi unezifo ezelakanyanayo, futhi. Akunjalo na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . . unakho esandleni sakho lapho na? Kulungile, thatha lokho bese ukubeke phezu kwakhe. Uyakholwa ukuthi usuphulukisiwe manje na? Ake ngibeke izandla phezu kwakho.

229 Baba, Nkulunkulu, ngibeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi lezizinto zingafezeka. Sicela ngenxa kaNkulunkulu, eGameni likaJesu, Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . . kholwa ukuthi ngiyobuya, ukuze enyuke . . . ? . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

230 Unento ethile engalungile ekhanda, kufana nezinhlungu zekhanda ngasebunzini. Kunjalo. Kukugijimisele ekuhlulekeni kwemizwa. Manje, uhlushwa ubuthakathaka, kubonakala nje kufana nakho, njengokuthatha intambo nje, nokuyidonsa kuze kuthi zonke izintambo sezizonqamuka. Futhi . . . ? . . . uzoba kahle. Inez. Kunjalo. Kunjalo. Hamba ukholwa. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

231 . . . uhlezi lapho ukhuleka, nenekazi elisonge izingalo zalo, unenkathazo ngamaphaphu akho. Kunjalo. Bengilokhu ngibona

abesifazane ababili, ngiyamangala ukuthi ukuphi omunye. Kulungile, uthinte Yena. Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakwemukela ukuphulukiswa kwami." Kulungile, hamba futhi uphile. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . .lapho, futhi, unenkathazo yendlebe. Uma nje ezokholwa ngayo yonke inhliziyo yakhe. Yebo. Kulungile, yemukela ukuphulukiswa kwakho. Hamba . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . .awunjalo, Dadewethu na? Unesisu esibi, awuso na? Yilokho ukwethuka kwakho okukwenzile, kwakwenza waba nenkathazo yesisu.

232 Wena uthi, "Mfowethu Branham, u—ukuqagelile ukwethuka. Ngokuba nokwethuka, ucabange ukuthi bengiphethwe yisisu." Omunye ucabange lokho, bekungesuye owesifazane, omunye umuntu ukwenzile. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ukuthi ngikuqagelile. Ungathanda uNkulunkulu ukuba aphulukise umlamu wakho ongudade, naye na? Ubuyothanda na? Uyakholwa . . .? . . . ngitshele ukuthi yini engalungile ngaye na? Isifo sikashukela. Manje, hamba ukholwe. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . .uMesiya, ehamba phakathi kwethu. Ukuwe phandle lapho, futhi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

233 . . .indodakazi yakho, nobabili niphethwe yindlala yegilo. Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, uJesu Kristu uzokusindisa. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

234 . . .ukulungisa okubi, ulele embhedeni. Ngiyakutshela, into oyidingayo nguKristu enhliziyweni yakho. Niyabo? Udinga ukuba ngumKristu, wemukele uKristu njengoMsindisi wakho. Lokho yinqwaba yokwethemba esonini, ukuba sikhuphuke sihambisane nesiphiwo kanjalo, ukuba sibe nomusa kunina. Akungabazeki ngaphandle kokuthi uNkulunkulu uzokwenza. Mkholwe khona manje ngensindiso yakho . . .? . . . uJesu Kristu ukuba akuphulukise. Nakho lapho okhona. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . .yini inkathazo yakho na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

235 . . .ehlezi emuva ngqo lapho, uhlobo oluthile, egqoke ijakhethi ephuzi. Yilokho-ke. Kulungile. Ngimbonile evela phambi kwami, futhi ngikubonile lokho kuKhanya kulenga lapha, ngase ngibuka phansi futhi lapho. Kulungile, Ukuphulukisile-ke, Dadewethu, sekuphelile. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

236 . . .phezu komlomo wakho . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ungibuka, futhi uthi, "Mayibongwe iNkosi," kanjalo. Unenkathazo ngomlomo wakho, ngobuso bakho. Akunjalo na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla

sakho. Kulungile, uJesu uyakusindisa. Hamba uye ekhaya, futhi ukukholwe.

Akamangalisi na? UyiNkosi . . . [Akuqoshwanga eteyipini.]

237 . . . kholwa ukuthi Uzoyisindisa na? Indodana encane engumzukulu, inesimila phezu kwekhanda layo. Nkk. Pearson, hamba, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

238 UyiNkosi uJesu, siyaKuthanda. Siyazi uGcobo lwaKho lulapha. Ngani, lukuyo yonke indawo nje, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi abantu bazoKwemukela, njengamanje, njengoMsindisi wabo nanjengoMphulukisi wabo. Siphe khona, Nkosi, ngeGama likaJesu.

Khothamisani amakhanda enu umzuzu nje. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . . ? . . . esikhashaneni esedlule . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . umugqa womkhuleko. Umugqa womkhuleko uyeza. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

239 Manje woza uguqe phansi lapha umzuzu nje, uzokwenza na? Uma ukholwa kuMesiya, ukholwa ukuthi *u*Jesu wafa wabuye wavuka, woza lapha futhi ume khona lapha phambi kwami, lapha e-altare umzuzwana nje, futhi ukhuleke. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Nonke manje, nina enifuna ukwemukela uKristu njengoMsindisi wenu, futhi, khuphukelani ngqo lapha manje. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . e-altare.

240 Woza, mngane oyisoni. Woza, woza kuKristu manje, ithemba kuphela, ithuba kuphela. IziNkanyiso zakusihlwa ziyakhanya, woza, kusesemini, ngenkathi usengeza. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . .

241 . . . bayacwila bonke. Sebehambile. Usuku seluphelile, ubusuku buhambile kakhulu, ukuhlwa kukude . . . usuku seluhambile kakhulu, ubusuku buyakhula, ngisho neNkanyezi yokuhlwa idedela ukuKhanya kwayo. Ngani, ukuhwalala, isikhathi sengozi!

242 Ungahlali esihlalweni sakho, yenyukela lapha, wena ongenaKristu, wena ofuna ukuMazi njengoMsindisi wakho, yenyukela lapha futhi uguqe phansi Esaphulukisa abantu abagulayo, Uphulukisa kokubili umphefumulo nomzimba.

243 Khulekani, nina bantu onoMoya oNgcwele, ngenkathi lezizoni zisenesilokozane lapha e-altare, khuleka, "Kwangathi uNkulunkulu angakusiza." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

244 Yiba nokukholwa. Inenekazi eliselincane njengawe, futhi elinokwethuka, uyakholwa ukuthi Uzokuphulukisa kulokho kwethuka na? Ubunakho konke ukuphila kwakho. Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Ake ngibeke izandla zami nje phezu kwakho, uzokwenza na? Ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ulapha, ngikholwa ukuthi ugcobo lukhona.

O Jesu, lentombazane encane empofu, iboshwe ngalodeveli wengcindezelo!

Phuma kuyo, Sathane, ngiyakuyala ngoNkulunkulu oPhilayo ukuba uyishiye, ungeke usayigcina kade, suka kuyo!

Hamba futhi uphile manje. Hamba, ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa inhliziyo yakho, akusindise na?

Ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu, eGameni likaJesu Kristu, ukuba aphulukiswe. EGameni likaJesu, ngiyakucela. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu, eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi angaphulukiswa. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

245 . . . amakholwa phakathi lapha na? O, kuhle. Manje, ngenkathi ngisa—ngisakhulekela . . . Bangaki ofuna ukukhulekelwa na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Manje, anibeki ngani izandla zenu phezu komunye nomunye, ngenkathi ngisakhuleka lapha na? Nje beka ezakho . . . Ningamakholwa. ONgcwele . . . U—ungokaMesiya impela nje njenganoma ubani omunye uma uyikholwa. Ngabe kunjalo na?

246 "Lezizibonakaliso ziyakulandela," ini na? "Bona," b-o-n-a, ubuningi, "abakholwayo." Ngabe kunjalo na? "Uma bebeka ezabo, *ezabo*, izandla *zabo* phezu kwabagulayo, *ba*yosinda." Ngabe kunjalo na? Kulungile, khothamisani amakhanda enu nje, futhi nikhulekelane manje, ngenkathi ngisakhulekela . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

247 . . . ebandleni. Uphi uMfowethu L.C.? Ngani, ngempela ulahlekelwe yinqwaba yesisindo kusukela ngenkathi ngikubona eminyakeni eminingana edlule. Ngidla endlini yakho ngelinye ilanga. Angazi—angazi ukuthi uze ngani lapha, uyakwazi lokho. Kodwa kungahle kukusize uma nje ngikhuluma kuwe umzuzu. Bekuyokwenza na? Ngoba ngikwazi kahle kakhulu, kungahle kukusize uma ngikhulume nawe, ngithi bengikwazi . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . L.C. nami salandela lowobhabhuli owawungiphekele wona, lowo yi . . . ? . . . Ngawuthokozela.

248 Uno—nomoya wakho manje. Uyazi kukhona okwenzekile ngaleyonkathi, ngiwubambile umoya wakho. Ube nenqwaba yenkathazo. Kade usesibhedlela, noma okuthize. Kade . . . Manje, uyabo, kunjalo. Unezifo ezelakanyanayo, uvele ushone phansi nje, ukwethuka, nenkathazo ngezindlebe zakho, nezinto. Kunjalo. Ukwethuka ngempela, futhi kwashona phansi. Uyakholwa ukuthi ngingakususa konke ngeGama likaJesu Kristu na? Woza lapha.

249 Wena develi ozama ukubamba lona wesifazane omesabayo uNkulunkulu, ngikuphosela inselelo eGameni likaJesu Kristu, suka kuye! Ngiyamkhulula, eGameni likaJesu Kristu.

Sekuphelile, Dadewethu. Hamba uye ekhaya, futhi uphile. UMoya oNgcwele kaNkulunkulu ukuphilisile.

Uyaqonda ngalowomdlavuza ubuyofa uma uNkulunkulu engakuphulukisi. Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na?

Ngibeka izandla phezu kwalo wesifazane, futhi ngiphosela inselelo lodeveli, eGameni likaJesu, ukuba aphume kuye. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Ngibeka izandla phezu kwalo wesifazane, futhi ngiphosela inselelo lodeveli, eGameni likaJesu Kristu phuma kuye. Amen.

Lokho kuyakwenza. Lokho kuukwenza kube kahle. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

250 . . .?. . .isikhashana esedlule. Into ethize yenzeke nje kuwe, akwenzekanga na? Ubumi lapho, futhi waxhuxhuma kakhulu ngakho, awuzange na? Yilapho iqolo lakho liphulukiswe khona. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . .kubi. Kodwa uNkulunkulu unguMphulukisi wakho, Akasuye na? EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungasuka kuye, futhi aphile. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

251 . . .Jesu, ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, ngiyakholwa ukuthi UnguMesiya. Ngiyakholwa ukuthi Uyabusa eMbusweni waKho, engiyingxenye ngokukholwa kwami emisebenzini yaKho esiqediwe. Wasenzela lesisithembiso ukuthi "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Ngiyikholwa, thethelela ukungakholwa kwami. Ikholwa libeke izandla zalo kimi, ngikhulekela lelokholwa, lelokholwa liyangikhulekela. Ngemukela ukuphulukiswa kwami ezisekelweni zeZwi laKho. NgiyaMuzwa eseduze njengesiDlulisi-gesi, ehlisa iZwi ukungisindisa.

252 Manje, Sathane, ngikuphosela inselelo . . .?. . .futhi eGameni likaJesu Kristu, phuma bona . . .?. . .

253 Yimani ngezinyawo zenu manje, yemukelani ukuphulukiswa kwenu, futhi nidumise uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yenu. Udumo! Haleluya! Makabongwe u . . .?. . .

